Lokhu kuchaza ukuthi iqembu elinamandla lisebenzisa amandla omcebo ngokwempahla elinayo ukuze lizuze amandla epolitiki okusho ukuthi lizokwazi ukulawula ukuphathwa komphakathi okugcina kucindezela iqembu elingenamandla. Lesi senzo seqembu elinamandla sigcina sidala ukungalingani okuyinto ebonakala yenzeka nesemiphakathini yesimanje. UMarx no-Engels (1848: 44) bayakugcizelela ukuthi kunempi phakathi kweqembu elinamandla neqembu eliswele ngale ndlela " there is conflict amongst the social groups which are the wealthy versus the poor because of the material resources available to them" (Kunengxabano phakathi kwamaqembu omphakathi okubalwa kuwo iqembu elinomcebo kanye neqembu elihlwempu ngenxa yezinsiza ezikhona). Lokhu kuchaza ukuthi amaqembu asemphakathini awalingani kukhona iqembu elinomcebo nemali kanye neqembu eliswele ngenxa yokuthi alinayo imali yokuzithuthukisa. Ngokwenoveli kaKhumalo enesihloko esithi Ngenxa Yemendi (2019) kukhona amaqembu amabili lapho kuvela uHulumeni omhlophe nabantu bebala elimhlophe kuyibona abanamandla nomcebo kanti labo bebala elimnyama abanawo amandla nomcebo ngenxa yokucindezelwa uHulumeni omhlophe owawuphethe ngaleso sikhathi.

Bakhona ababhali asebecwaninge ngesizinda kanye nendikimba yenoveli lapho beveza umthelela wesizinda ekugqamiseni indikimba emanovelini ahlukene kodwa-ke, akekho oseke wasebenzisa inoveli kaKhumalo. UMshengu (2020) ocwaningweni lwakhe lweMastazi olunesihloko esithi "Isizinda Nendikimba Yobugebengu Emibhalweni Engamanoveli: Kuyoqhuma Nhlavana, Igazi lezibi, Ayikho Impunga Yehlathi nethi Inkinsela YaseMgungundlovu" uveza umthelela wendawo, inkathi nesimo senhlalo ekuziphatheni kwabalingiswa abenza ubugebengu. Ucwaninge kabanzi ukuthi indawo, isikhathi kanye nesimo senhlalo kunamuphi umthelela ebugebengwini obahlukene. Lokhu kuveza ukuthi inkulu indima edlalwa yisizinda ebugebengwini.

UMhlongo (2018) ocwaningweni lwakhe lweMastazi olunesihloko esithi "Ucwaningo Ngegalelo LikaWanda, M.E. Ekubhalweni Kwenoveli ethi: Kunjalo-ke" ugxile esakhiweni, abalingiswa nengqikithi. Esahlukweni sesithupha kuvezwa ukuthi indawo, inkathi nesimo senhlalo zinomthelela ekuziphatheni komlingiswa othile okugcina kugqamisa indikimba yengculazi.

UTshabalala (2015) ocwaningweni lwakhe lweMastazi olunesihloko esithi "Ukuvezwa Kwendikimba Yengculazi Enovelini kaM.E Wanda ethi Kunjalo-Ke". Esahlukweni sesihlanu uveza okufanayo noMhlongo lapho eveza ukuthi indawo yiyona elawula ukuziphatha komlingiswa othile okugcina kugqamisa indikimba yengculazi. Okugqamisa indikimba ukuthi uDumazile ubengenaso isimilo ngoba ubethandana nabantu abadala okwagcina kumenza athole igciwane lengculazi.

UMkhize kuMtumane noSibiya (2022) uveza isizinda njengelinye lamasu okuxoxa indaba emculweni kaKhansela. Okugqamayo ngesifundo sakhe ukuthi uveza ukusetshenziswa kwesizinda ukulandisa indaba okugcine kucacisela abafundi ingqikithi yendaba kaMajazi, okuyindikimba yokuhlukunyezwa. Yize sekuveziwe ukuhlobana phakathi kwesihloko salolu cwaningo nezingcwaningo zabanye ababhali ababalulwe ngenhla akekho osecwaninge ngokuhlaziywa kwesizinda ngenhloso yokuveza indikimba yokungalingani enovelini kaKhumalo enesihloko esithi Ngenxa Yemendi (2019) okwenza lolu cwaningo luhluke.

Inoveli ngamafuphi

Lena inoveli emayelana nomlando wezimpi zamaNgisi ezenzeka kudala. Umbhali ulandisa ngokuqale aveze impi yomhlaba yokuqala (1st world war) eyenzeka phakathi kwezwe laseJemeni kanye nelaseFrance, lapho izwe laseBosnia elaselikhathele ukuphathwa ngengcindezelo ngumbuso wase-Austria-Hungary, abantu baseBosnia babona ukuthi babulale u-Archduke Franz Ferdinand okwakuyisiqumama sase-Austria-Hungary nokwakulindeleke ukuba athathe izintambo

zombuso wase-Austria-Hungary. Lokho kwasusa impi phakathi kwalawa mazwe njengoba izwe lase-Austriliya, eRashiya kanye nezwe laseFrance afuna ukuziphindiselela okwadala ukuthi izwe laseJemeni lingene empini ngenhloso yokulwela izwe laseBosnia. Lokhu kwadala ukuthi umbuso waseFrance ufune usizo emazweni aphansi kombuso walo okubalwa kuwo iNingizimu Afrika, okuyilapho kwacelwa amadoda amnyama ukuthi ayolekelela empini. Phakathi kwalawo madoda ahamba ayolekelela empini, umbhali uthula umlingiswa osemqoka uSihlangusikayise Ngobese, uFunukwenzani Zungu, uMdubuleni uyise kaSihlangu, uZungu uyise kaFunukwenzani, uPitso noNgqavini okungabangani bakaSihlangu ahlangana nabo eKapa.

Indaba iqala endaweni yaKwaMaphumulo lapho inkosi ithole umbiko ovela kuHulumeni omhlophe ukuthi icele amadoda ebala elimnyama ukuthi ayolekelela empini yaseFrance. Amadoda ayavuma ayazibophezela ukuyolekelela empini, asuka KwaMaphumulo ahlangana namanye amadoda akwezinye izindawo eThekwini ukuze azogibela isitimela esasibheke eKapa. Wonke la madoda azinikela empini ngoba ayenethemba lokuthi mhla yaphela impi noHulumeni omhlophe uzophatha isizwe esimnyama kangcono, asinike amalungelo afana nelungelo lokuvota nelokuba nomhlaba. Afika eKapa aqeqeshelwa impi kwaze kwafika usuku lokuthi agibele umkhumbi iSS Mendi owawuzowahambisa empini eFrance. Kuthe sekuphele isikhashana esahamba ngawo umkhumbi sebezofika eFrance umkhumbi waminza emva kokuthi ushayisane nomunye omkhulu kunawo, lokhu kwaba nomphumela ongemuhle ngoba amasosha angamakhulu ayisishiyagalombili (800) alahlekelwa izimpilo zawo amanye asinda, okubalwa kuwo uSihlangusikayise.

USihlangu waphaphama esibhedlela, emva kokuhlala isikhashana wathunyelwa enkanjini yamasosha eDippie lapho wayezosebenza ukuphekela amasosha abelungu. Izinkambi zamasosha zazihlaselwa amaJalimani okuyilapho uFunukwenzani umngani kaSihlangu alahlekelwa impilo yakhe khona. Indaba iyaqhubeka lapho uSihlangu namanye amadoda belwa neziphathimandla zikaHulumeni waseFrance ngenxa

yokuthi zazingabaphethe kahle okwagcina kudale ukuthi baboshwe. Kuthe besavalelwe ekhulukuthu belinde usuku lokuthethwa kwecala labo yaphela impi badedelwa babuyiselwa eNingizimu Afrika. Emva kokuthi bafike eKapa sebebuya empini abatholi ukwamukelwa njengamaqhawe alekelelile empini kunalokho isimo sobandlululo sisafana. Kuyabadumaza lokho njengoba babenethemba lokuthi isimo sasizoguquka. Kuthe uSihlangu esebuyile emva kwesikhashana wathola incwadi eyayimazisa ngokubungazwa kwamasosha abelungu ngeqhaza ayelibambile empini. Okwamdumaza ukuthi bona njengamadoda amnyama alekelela empini abazange babungazwe, okwakusho ukuthi ubandlululo lwalungakapheli.

Ukuhlaziywa kwendawo njengesizinda ukuveza indikimba yokungalingani enovelini ethi *Ngenxa YeMendi*

UZungu (2008: 26) uchaza indawo yendaba ngale ndlela:

> Lapha kuqondwe indawo yasemakhaya noma emadolobheni, kungenzeka futhi indaba yenzeke endaweni exubile, ngezinye izindlela yenzeka endaweni yasemakhaya kanye nasemadolobheni. Lokhu kubonakala ngezinto noma ngezigameko ezitholakala kuyona indaba. Isibonelo uma kuvela izigameko ezifana nokuboshelwa kwenkabi, ukwelusa izinkomo njalonjalo, lokhu kusho ukuthi indaba yenzeka emakhaya

UHlongwane nabanye (1988: 24) bona bachaza indawo yendaba ngokuthi izindawo ezitholakala endabeni okubalwa kuzo indawo yasemaphandleni, indawo yasedolobheni kanye nendawo esuswa ekhanda. UMhlanga (2019: 15) uchaza indawo ngokuveza okufanayo nalokho okushiwo oHlongwane uma ethi indawo yilapho izigameko zenzeka khona okungaba yindawo yasemadolobheni noma yasemakhaya. Lezi zincazelo ziveza ukuthi izigameko zendawo azenzeki emoyeni kodwa kumele kube khona indawo ezenzeka kuyo. Indawo iba nomthelela omkhulu ezenzweni zabalingiswa ezigcina zidlulela ezigamekweni ezithile ezigqamisa indikimba yendaba.

Enovelini kuvela izindawo ezahlukahlukene lapho kwenzeka khona izigameko ezigqamisa indikimba yokungalingani, okubalwa kuzo indawo yakwaMaphumulo, eThekwini, eKapa, emkhunjini iSS Mendi kanye naseFrance. Okumele kuqashelwe ukuthi kule noveli indawo iyagcogcoma, iqala kwaMaphumulo, ithuthuke iye ezindaweni ezifana naseThekwini, eKapa, emkhunjini, eFrance lapho bekuhlala khona amasosha, kuthi lapho iphela impi indaba ibuyele eMkhunjini, eKapa, eThekwini igcina isiphelela kwaMaphumulo.

KwaMaphumulo

Enovelini umbhali ulandisa ngendawo lapho indaba iqala khona okuyindawo yakwaMaphumulo, eyindawo yasemaphandleni. Lokhu kubonakala ngokuthi kungabi khona izithuthi zesimanjemanje okubalwa kuzo izimoto, izitimela kanye nezinye izithuthi. Umbhali ulandisa ukuthi abalingiswa uma befuna isitimela kumele baye emadolobheni amakhulu afana neTheku njengoba kuyilapho kutholakala khona izithuthi ezingconywana. Lokhu kucacisa ukuthi indawo yakwaMaphumulo ayithuthukile uma iqhathaniswa nendawo eyidolobha njengeTheku. Abalingiswa basebenzisa amahhashi njengezithuthi. Lokhu kuvela lapho uSihlangu egibele ihhashi eyovalelisa abafundi bakhe endaweni ekude eyayidinga isithuthi njengoba wayephuma engena lapho abafundi babehlala khona. Isigejana samazwi esilandelayo siyakugqamisa lokhu:

> Ngosuku lwesithathu agibele ihhashi uSihlangusikayise, eqe imihosha nemihoshana, akhwele edilika emagqumeni ngemali yehhashi ayiphiwa nguyise, imeli emhlophe qwa, liyadlalisela njengoba lona nomgibeli behla benyuka nezinkalo, baphuma bayangena emizini yendawo.
>
> (Khumalo, 2019: 28)

Lapha umbhali ulandisa ngehhashi likaSihlangu alisebenzisa njengesithuthi sakhe, lokhu kufakazela ukuthi indawo yakwaMaphumulo ayithuthukile ngokwesimo somnotho njengoba abalingiswa bakhona abanazo izimoto kanye nezinye

izithuthi zesimanje, azikho izitimela ezitholakala emadolobheni amakhulu afana neTheku kanye nendawo yaseKapa.

Khona kulesi siqephu umbhali uphinde aveze ukuthi ihhashi leqa imihosha okuyindawo enotshani obude, okusho ukuthi ayikho imigwaqo efana nesemadolobheni amakhulu okusakhomba khona ukungathuthuki ngokomnotho njengoba zingekho izingqalasizinda. Lokhu kuveza ukungalingani okukhona mayelana nokuthuthuka ngokwezindawo njengoba indawo yakwaMaphumulo ingathuthukile ngokomnotho njengoba ihlala abantu abamnyama. Yingakho ingathuthukile uma iqhathaniswa nendawo yaseKapa okuyindawo ehlala abantu bebala elimhlophe. Imvamisa abantu abamnyama bahlala ezindaweni ezingenayo intuthuko ngenxa yokunganakekelwa yiqembu elibusayo.

UMarx no-Engels (1848: 35) baveza ukulawula kweqembu elinamandla "Bourgeoisie controls all centres of power-legal, ideological, political- that it can use against the proletariat" (Iqembu elinamandla lilawula zonke izikhungo zamandla- ezomthetho, imibono, ezepolitiki ezingasetshenziswa ukumelelana neqembu elingenamandla). Lokhu kufakazela okwenziwa uHulumeni omhlophe njengoba ethuthukisa izindawo zasemadolobheni ezihlala abantu bebala elimhlophe okuyinto angayenzi ezindaweni ezihlala abantu abamnyama. Lokhu kusenzeka nasesikhathini samanje lapho abantu abamnyama abahlala emalokishini nasemaphandleni bengayitholi intuthuko bagcine sebathuthela emadolobheni athuthukile anamathuba emisebenzi.

Umbiko womthombo wezindaba i-News 24 (2022) uphawula kanje mayelana nezizathu ezenza ukuthi abantu bathuthele ezindaweni zasemadolobheni: "people migrate from rural to urban areas due to lack of service delivery as well as the economic situation" (Abantu basuka ezindaweni zasemaphandleni bathuthele ezindaweni zasemadolobheni ngenxa yokuntuleka kwezingqalasizinda kanye nesimo somnotho). Lokhu kusaveza ukungalingani okusekhona emphakathini waseNingizimu Afrika lapho abamnyama behlala ezindaweni ezingathuthukile.

Umbhali uqhubeka aveze ukungalingani lapho kunesigameko sokuqala esenzeka kwaMaphumulo lapho inkosi ibize umhlangano, ngoba icelwe nguHulumeni omhlophe ukuthi igqugquzele abamnumzane nezinsizwa zesigodi ukuba balekelele empini ephakathi kwezwe lasJemeni nelase-Ostraliya ababengahlangene nayo. Lokhu kubonisa ngokusobala ukuthi nayo ilawulwa ngumthetho kaHulumeni omhlophe, okuyinto ecasula uFunukwenzani njengoba umbhali eveza lokhu enkulumeni kaFunukwenzani noSihlangu ngezansi:

> Inkosi ithole isicelo esiphuthumayo esivela kuHulumeni wamaNgisi ukuba kubuthwe izinsizwa ezizohamba ziyolwa le phesheya Wooooh! Ibuye ingqondo kuFunukwenzani anwaye ikhanda, abheke phansi esephethwe amahloni. Ungibona ngikhohlwa nje yingoba le ndaba angiyizwa kahle. Le mpi yaphesheya iphakathi kwabelungu, amaNgisi namaJalimane, nabanye-ke engibezwa ngendaba. Thina pho singenaphi? lamaNgisi lawa asekhohliwe ukuthi athatha umhlaba wethu ngendluzula, manje wona lawo maNgisi ndini angcolile asecela thina ukuba siyowalekelela! Siya phesheya siyolekelela abacindezeli bethu?
>
> (Khumalo, 2019: 10)

Ukufika kukaSihlangu namanye amadoda emhlanganweni, kuveza ukuhlonishwa kwezwi lenkosi uma ibiza umhlangano. Bahlonipha izwi lenkosi ngoba nayo icelwe uHulumeni wabebala elimhlophe ukuthi icele abantu bomdabu bayolekelela empini. Le nkulumo phakathi kukaSihlangu noFunukwenzani iveza ngokusobala ukungalingani okukhona phakathi kwendlu emnyama nabantu bebala elimhlophe. UFunukwenzani uveza ukungagculiseki ngesicelo sikaHulumeni omhlophe sokuthi bayolwa empini abangahlangene nayo kwazise bacindezelekile abantu, abanawo umhlaba njengoba usuthathwe amaNgisi ngendluzula. Lokhu kucacisa ukungalingani phakathi kwamaNgisi kanye nabantu boMdabu njengoba amaNgisi kuyiwo aphethe amandla okubalwa kuwo amandla okuphatha izwe, umhlaba, umnotho, ezepolitiki njalonjalo.

UMarx no-Engels (1848: 76) bachaza ukuthi iqembu elinamandla lisebenzisa amandla ngenhloso yokulawula nokucindezela iqembu elinganamandla "Bourgeoisie enjoys the upper hand as they are the owners of superstructures such as the ideology, economic and political superstructure" (Iqembu elinamandla liyakujabulela ukulawula njengoba kuyilo eliphethe amandla ngokombono, kwezomnotho, ezepolitiki kanye nangokomcebo nenhloso okumele ilandelwe). Lapha uHulumeni wamaNgisi njengoba kuyiwona ophethe amandla uwasebenzisa ngendlela yokucindezela nokulawula ukuziphatha kwabantu bomdabu njengoba efaka abantu bomdabu empini abangahlangene nayo. UHulumeni omhlophe usebenzisa uNdabezitha ngenhloso yokuthi agquqguzele abantu abamnyama ukuthi bazinikele empini njengoba azi ukuthi abantu bomdabu bayalihlonipha izwi lenkosi.

Lokhu kungalingani akuveli kuphela lapha kulesi siqeshana, umbhali uqhubeka aveze ukuthi amadoda esizwe esimnyama ayengeke anikezwe izikhali empini. UHulumeni wamaNgisi wabona kungewona umbono omuhle ukuthi abantu abamnyana banikwe izibhamu kunalokho babezonikwa ithuba lokuba babe ngabaphekeli bamasosha amhlophe. Isigejana esilandelayo sigqamisa lokhu:

> Kuhambe kuhambe, kuvele mvelayo wathi, kungebe kuhle na ukuba abantu abamnyama baseNingizimu Afrika nabo bathathwe bayolekelela phesheya, kwasuka umsindo ePhalamende bakhala bathi yebuya baba, nanso impi isiphelile, sebeyabuya abomdabu bathi sifuna amalungelo aphelele njengabelungu, sifuna ivoti, sifuna zonke izimfanelo ezitholwa yilabo bebala elimhlophe, sifuna amakhosi ethu abuyiselwe ezikhundleni zawo. Bakhuluma bakhihliza amagwebu abelungu bebanga lolu daba, kwabe sekuvunyelwana ngokuthi abomdabu bazothunyelwa empini, kepha bazoya bengahlomile. Bazoya empini ukuyoba ngokuka abazobe bephekela amasosha abelungu.
>
> (Khumalo, 2019: 15)

Umbhali ulandisa ukuthi iziphathimandla zikaHulumeni wamaNgisi ePhalamende zibe nokushayisana kwemibono mayelana nokucela abantu abamnyama ukuthi beyolekelela empini ngenxa yokuthi babebona ukuthi mhla abantu abamnyama babuya empini bangahle bafune ukuphathwa ngokufana nabantu bebala elimhlophe. Bagcina ngokuvumelana ukuthi abantu abamnyama banganikezwa izibhamu. Lokhu kuveza ngokusabala ukungalingani phakathi kwabantu bebala elimhlophe nabebala elimnyama. Lokhu kugcizelela ukuthi abantu abamhlophe babephathwa kahle kunabantu abamnyama. Ukungalingani kuphinde kuvele lapho abantu abamnyama benganikwa izikhali zokuthi bazivikele empini kodwa amasosha amhlophe wona anikwa. Lokhu kugqamisa ukuthi ukuphepha kwabantu abamnyama kwakungabalulekile, njengokwabantu abamhlophe.

Injulalwazi yokungalingani iveza ukuthi iqembu elinamandla ilona elilawulayo, liphinde lithathe izinqumo. "The capitalist class which have wealth, power, status in the society influence the social structure so as to reinforce it's status quo"(Iqembu lonxiwankulu elinomcebo, amandla, isikhundla emphakathini libanomthelela ekwakhekeni komphakathi ukuze lizohlala linamandla).

Lokhu kucacisa ukuthi abantu abanamandla benza konke okusemandleni abo ukuze bahlale benamandla adlula aweqembu eliswele. Lapha iziphathimandla zikaHulumeni omhlophe zibona ukuthi abantu abamnyama bangahle babuye empini benamandla okubhekana nencindezelo kaHulumeni omhlophe. Yingakho zabona kungcono ukuthi amadoda amnyama ayolekelela empini abe ngabapheki kuphela futhi angahlonyiswa ngezikhali ngoba angaze afunde ukulwa nencindezelo.

Lesi senzo seqembu elinamandla sokwenza isiqiniseko sokuthi lihlale lisemandleni sisenzeka nasesikhathini samanje lapho abafundi babekholelwa ukuthi imfundo ifundisa ngendlela ecindezelayo engathuthukisi abantwana babantu abamnyama nabaswele njengoba ilawulwa yiqembu elinamandla ukuze lizoqhubeka nokucindezela abantu abangaphansi kwalo. Uma kubhekwa isibonelo sesigameko sabafundi esaziwa ngokuthi yi

”Fees must fall” esenzeka ngonyaka we-2016, lapho abafundi babelwisana nolwazi ababefundiswa lona ezikhungweni zemfundo ephakeme. Abafundi babekholelwa ekutheni ulwazi ababelufunda lalungabathuthukisi. Ngokombiko womthombo wezindaba i-BusinessTech (2016: 2), abafundi babelwela ukufundiswa ulwazi olubaxhumanisa nemvelaphi yabo. Umbiko uphawula uthi:

> *The statement said that Fees Must Fall is a clear call for a free decolonized, afrocentric education. This call is rooted in the liberation of black people and the total dismantling of the anti-black system that maintains black oppression. From this it is clear that the education system was designed to thwart the liberation of the black child, in so doing keeping them in the same position as the generations before them through coercion. Currently in South Africa, the education system is not designed for the interests of the black community, but those who intend to preserve the status quo which is a colonial education*
>
> (Isitatimende sithe i-Fees Must Fall iyikhwelo elicacile lemfundo yamahhala okungeyona eyamakoloni, egxile kuma-Afrika. Leli khwelo lisekelwe ekukhululweni kwabantu abamnyama kanye nokuhlakazwa ngokuphelele kohlelo olumelene nabamnyama olugcina incindezelo yabantu abamnyama. Kulokhu kuyacaca ukuthi uhlelo lwezemfundo lwaludalelwe ukuvimba inkululeko yengane yomuntu omnyama, ngokwenza lokho igcinwe isesimweni esifanayo nesezizukulwane ezingaphambi kwayo ngenkani. Njengamanje eNingizimu Afrika, uhlelo lwezemfundo aludalelwe izimfuno zabantu abamnyama, kodwa labo abahlose ukulondoloza isimo esikhona, okuyimfundo yamakoloni).

Nasesikhathini samanje indlela yokufunda ayenziwe ngendlela ezovuna izinhloso zabantu abamnyama kodwa yenziwe ukugcina abanamandla bahlale benamandla naphezu kwemfundo imbala. Lokhu kusafakazela ukuthi ukungalingani kusaqhubeka nokwenzeka njengoba abanamandla kuyibona abanquma ukuthi yiluphi ulwazi okumele lufundwe ezikhungweni zemfundo.

Umbhali uqhubeka alandise ngokungalingani okwenzeka enovelini lapho indaba ithuthukela eThekwini.

EThekwini

Indaba iyathuthuka ngokwendawo lapho amadoda ayevumile ukuya empini eyogibela isitimela eThekwini esasizobafikisa eKapa okuyilapho babezothatha khona umkhumbi sebebheke eFrance empini. Uma kuqhathaniswa indawo yaseThekwini neyakwaMaphumulo kuyacaca ukuthi iTheku lithuthukile njengoba linezithuthi ezifana nezitimela, okuyinto engekho kwaMaphumulo. Abantu bakwaMaphumulo kumele bathathe isitimela eThekwini uma befuna ukuya emadolobheni amakhulu afana nedolobha laseKapa. Lokhu kungalingani kwenziwa ukuthi iziphathimandla eziningi ezimhlophe zizinze kulo iTheku. Lokhu kuyinto evamile ukuthi abantu abaphethe bathuthukise izindawo abahlala kuzo kuphela. Umbhali uveza ukuthuthuka kwendawo yaseThekwini okumangaza abalingiswa abavela ezindaweni zasemaphandleni njengendawo yakwaMaphumulo ngale ndlela:

> Siyaphuma siyangena eziteshini isitimela, kumnandi kudelile lapha ezinsizweni. Iningi lapha liyaqala ngqa ukugibela esitimeleni. Kulaba abasiqabukayo isitimela singabala kubo uFunukwenzani okuyilokhu eqalaqalaza ehleka ubala.
>
> (Khumalo, 2019: 52)

Lapha kuvela ukuthi amanye amadoda ebala elimnyama afana noFunukwenzani avela ezindaweni ezingathuthukile ayeqala ukubona nokugibela isitimela ngenxa yokuthi asikho endaweni engathuthukile njengeyakwaMaphumulo. Okugqamayo lapha ukuthi kukhona ukungalingani ngokuthuthuka kwezindawo okulawulwa uHulumeni omhlophe njengoba kuyiwo ophethe amandla okwenza izinguquko. Injulalwazi yokungalingani ichazile ngenhla ukuthi iqembu elinamandla omnotho yilona elilawula ukwakheka komphakathi okufakazela okubalulwe yilesi siqephu, uHulumeni omhlophe njengoba kuyiwona ophethe amandla yiwona futhi olawula ukwakheka nokuthuthuka

komphakathi. Umbhali uqhubeka ngokulandisa emva kokugibela isitimela, amadoda ayenethemba lokuthi mhlazane kwaphela impi, bazonikwa amalungelo njengomklomelo:

> Kuyaculwa lapha esitimeleni kugibela amadoda ezizwe ezahlukahlukene okubalwa kuzo amaXhosa, amaPedi, abeSotho kanye nezinye, sihambe sicosha isitimela uma sihamba sigudla sidlule ngisho emaMpondweni. Silayishile lesi sitimela. Ngaphandle kwezilimi ezahlukahlukene ezikhulunywa lapha, okunye okuphawulekayo ngukuthi abantu abalapha bavela kuzo zonke izinhlaka zomphakathi. Wonke la madoda ahlanganiswe yithemba. Ithemba lokuthi indlu emnyama izoke ithole ukuhlonishwa nozwelo uma ibambisana namaNgisi kule mpi enzima yaseYurophu.
>
> (Khumalo, 2019:56-57)

Umbhali uqala ngokulandisa ukuthi kulesi sitimela kugcwele amadoda ezinhlanga ezihlukene lapho abala khona amaXhosa, abeSuthu, amaPedi kanye nezinye izinhlanga.m Lokhu kuveza ukuthi ukungalingani kwakungeyona into eyayenzeka kwaMaphumulo kuphela kodwa nakwezinye izindawo lapho la madoda ayevela khona. Kuphinde kuvele ukuthi amadoda ayegcwele isitimela ayezimisele ukubambisana noHulumeni omhlophe ngoba ayenethemba lokuthi indlu emnyama yayizoke ithole ukuhlonishwa nozwelo emva kwempi. Lokhu kugqamisa ukucindezeleka abantu abamnyama ababedlula kukho, ngenxa yokuthi babenganawo amandla okuphatha. UMarx no-Engels (1848: 78) baveza ukuthi iqembu elinamandla seliguqule izwe lenza imithetho yalo "The bourgeoisie has subjected the country to the rule of the towns" (Iqembu elinamandla selifake izwe ngaphansi kokubuswa ngamadolobha). Lokhu kuchaza ukuthi iqembu elinamandla seliphendule izwe ukuthi lilandele umthetho walo njengoba linamandla, okuyinto evelayo nalapha kulesi siqephu njengoba abantu abamnyama becindezelekile ngenxa yemithetho yeqembu elinamandla. Indawo yendaba ithuthukela eKapa okuyilapho abalingiswa bethola uMkhumbi ozobathutha ubayise eFrance empini, nalapha kukhona izigameko ezivelayo ezigqamisa ukungalingani.

EKapa

Indawo yaseKapa iyindawo eyidolobha njengeyaseThekwini. Kunezimoto, izitimela amabhilidi kanye nemikhumbi, okuyinto engatholakali kwaMaphumulo. Ithuthukile le ndawo uma iqhathaniswa neTheku nendawo yakwaMaphumulo njengoba umbhali elandisa ukuthi kunamabhilidi, okuyinto angazange ayibalule uma echaza indawo yaseThekweni. Lokhu kuvela lapha umbhali ethi:

> Kuchwaze isitimela sonke uma isiqhamuka njenganjeya intaba yodumo iTable Mountain. AmaXhosa ayibiza athi iNtaba yetafile, bayibone isondela, isondela intabakazi yodumo. Balibone idolobha laseKapa likhosele ezinzwaneni zale ntabakazi yodumo. Bayibone imikhumbi ithe saka echwebeni. Bawabone amabhilidi athe chithi saka kuleli dolobhakazi elibuhle balo bukitaza inhliziyo, kujuluke ibunzi emadodeni.
>
> (Khumalo, 2019: 60)

Umbhali ulandisa ngobuhle bendawo yaseKapa lapho echaza ukuthi kunamabhilidi, imikhumbi, intaba yodumo eyaziwa ngele "Table Mountain". Uchaza ubuhle balo njengokuthi bukitaza inhliziyo futhi benza amadoda ajuluke njengoba engayijwayele indawo enhle kangaka, enamabhilidi, imikhumbi, ulwandle, efakazela ukuthuthuka okungcono nokusheshayo uma iqhathaniswa nendawo yaKwaMaphumulo. Lokhu kuveza ukungalingani ngokwentuthuko yezindawo okulawulwa uHulumeni omhlophe. Uthuthukisa indawo yeseKapa njengoba kuyindawo egcwele abantu bebala elimhlophe.

Ngokombiko wephephandaba le-The Guardian (2014) uveza ukuthi indawo yaseKapa kwakuyindawo eyayigcwele kakhulu abantu bebala elimhlophe "Cape Town was conceived with a white-only centre, surrounded by settlements for the black and coloured labour forces to the east" (IKapa lalicatshangwe njengesizinda sabebala elimhlophe , sizungezwe yizindawo ezihlala abasebenzi bebala elimnyama kanye nabasebenzi abangamakhaladi ngasempumalanga). Lokhu kuchaza ukuthi abantu bebala elimhlophe babephethe ingxenye

enkulu yomhlaba waseKapa okucacisa isizathu sokuthi indawo yaseKapa ithuthuke kakhulu uma iqhathaniswa namanye amadolobha aseNingizimu Afrika. Ingxenye eyayihlala abelungu yayithuthuke kakhulu uma iqhathaniswa naleyo eyayihlala abasebenzi bebala elimnyama namakhaladi.

Lokhu kugqamisa ukungalingani ngokuthuthukiswa kwezingqalasizinda zezindawo ngenxa yokuthi iqembu elinamandla yilona elalilawula ukuthuthukiswa kwezindawo. U-Althusser (1970: 2) uveza ukuthi izingxenye zikaHulumeni zivuna iqembu elinamandla "The state Apparatuses which is the ideological state apparatus and reppresive state apparatus support the class structure of capitalist" (Amathuluzi kaHulumeni okuyithuluzi lombono wokubuswa kwezwe kanye nethuluzi lombuso lokucindezela eseka uhlaka lobuqembu lonxiwankulu).

Yize sesaphela isikhathi sobandlululo, kusekhona ukungalingani ngokwentuthuko endaweni yaseKapa okuhlala khona abantu bomdabu. Lapha kubalwa izindawo ezifana noKhayelitsha, lapho abantu besahlala emikhukhwini. Umbiko wephephandaba le-The Guardian (2014) uveza isimo esingesihle abantu baseKhayelitsha ababhekane naso ngenxa yokuntuleka kwentuthuko yendawo yakhona "in the township of Khayelitsha, on the eastern edge of Cape Town, there are barefoot children playing on the banks of an open sewer, while cows roam next to an overflowing rubbish heap" (Elokishini laseKhayelitsha ngasempumalanga yeKapa kukhona izingane ezihamba ngezinyawo ezidlala duzane nesitamukoko esivulekile, izinkomo zona zizula duzane nenqwaba kadoti echichimayo.). Lokhu kufakazela ukuthi kusekhona ukungalingani ngokwentuthuko kwezinye izingxenye zeKapa. Indaba ithuthela emkhunjini ISS mendi okuyilapho kwenzeka khona ezinye izigameko eziveza ukungalingani.

Emkhunjini ISS Mendi

Umbhali ulandisa ukuthi indawo ithuthela emkhunjini iMendi lapho kwenzeka izigameko ezigqamisa ukuthi kukhona

ukungalingani phakathi kwabalingiswa bebala elimhlophe nalaba bebala elimnyama ngale ndlela:

> Zithi zingangena izinsizwa emkhunjini, zikhonjiswe amagumbi ezizolala kuwo. Zithi zingaqeda ukubeka izimpahla emagunjini, zikhuphuke ziye esitezi esingenhla emkhunjini, isitezi okuhlalwa kuso kuthanyelwe isigcaki, kubukwe ulwandle. Isitezi esiphakathi nendawo sibekelwe abakhuzi bamasosha. Bonke abakhuzi ngabeLungu.
>
> (Khumalo, 2019: 68)

Lapha kulesi siqeshana umbhali ulandisa ngokwenzeka emva kokuthi amadoda esengene emkhunjini. Ulandisa ngokuthi kunezitezi ezimbili okuyileso sabakhuzi kanye naleso samadoda namasosha. Umbhali uveza ukuthi abakhuzi bamasosha abelungu kuphela, okuveza ukungalingani. Abakhuzi balapha emkhunjini abelungu kuphela abekho abebala elimnyama. Lokhu kuveza ukungalingani phakathi kwabebala elimhlophe nabomdabu. Ukuhlala ngokuhlukaniswa, abebala elimhlophe bahlaliswa endaweni egcono kuneyabebala elinsundu kusasho ukungalingani. Indaba iqhubeka emkhunjini lapho kuvela ukuthi iziphathimandla zisebenzisa amandla ezinawo ukucindezela abangenawo. Umbhali uveza isigameko lapho kukhona ukungazwani kahle phakathi kukaKaputeni Portmouth noNgqavini uma ethi:

> Iyacasula lento eyenziwa ezidunjini zala madoda, kusho uNgqavini ephimisela amathe phansi. Ukaputeni Portsmouth amgxavule ngamahlombe uNgqavini. Akhulume ngesankahlu, wena sosha Ngqavini awunanhlonipho! Sula la mathe owaphimisele phansi. Ngiyaxolisa nkosi bengithi…, vala isipepe sakho wesule la mathe owaphimbisile! Yebo nkosi ngizohamba ngiyothola isidwedwe sokwesula. Cha! Wesule ngomlomo wakho, wona lowo mlomo okuyiwona owakhiphile! Manje!
>
> (Khumalo, 2019: 87)

Lapha kuvela ukuthi uNgqavini uthukuthele ngesenzo sabakhuzi sokuthi balahle izidumbu zabantu abamnyama olwandle. Uma ezama ukuveza ukucasuka kwakhe uKaputeni Portsmouth ulwa naye ngoba ubona ukuthi uphikisana nombono wakhe. Lokhu kuveza ukungalingani ngokwamandla okugcina kwenza iqembu elinamandla liwasebenzise ukucindezela abangenawo. Isenzo sokuthi akhothiswe amathe awakhafulile sigqamisa ukuvezwa kwamandla ukuthi ubani ophethe onezwi eligcinayo. U-Althusser (1970:7) uveza ukuthi iqembu elinamandla lisebenzisa isikhungo somthetho ukucindezela abaphikisana nombono nenhloso yalo "The repressive state apparatus operate to repress in an intervention of the interest of the rulling class" (Ithuluzi lombuso lokucindezela lisebenza ukucindezela ukunginelela kuloku okuvuna iqembu elibusayo)). Lokhu kufakazela okwenzeka lapha njengoba uNgqavini engakwazi nokuzwakalisa ukungaphatheki kahle kwakhe ngesenzo sikaKaputeni. Lokhu kusenzeka nasesikhathini samanje lapho umthetho usetshenziselwa ukucindezela izikhalazo zeqembu elinganamandla. Kunesigameko esenzeka eSwaziland lapho inkosi uMswati asebenzisa amandla anawo ukucindezela abasebenzi ababebhikishela amaholo angcono ukuze bezothuthukisa isimo sabo somnotho. Umbiko wephephandaba iPeople Dispatch (2022) uveza okwenzeka ngale ndlela:

> *Angry workers used petrol bombs, stones and sticks to attack properties of the King, who owns most of the economy and runs it for his indulgences such as a fleet of Rolls Royce cars, private jets, palaces and parties, while nearly 70% of the population survives on less than a dollar a day. Ordering the army to crack down.*
>
> (Abasebenzi abathukuthele basenzisa amabhomu kaphethiloli, amatshe kanye nezinduku ukuhlasela izakhiwo zenkosi, okuyiyona ephethe umnotho futhi iwusebenzisele ukuthenga izimoto zohlobo lwe-Rolls Royce, izindiza ezithi yena, izigodlo kanye nemicimbi, kube kunenani cishe elingamaphesenti angamashumi ayisikhombisa labantu eliphila ngemali engaphansi

> kwedola ngosuku. Inkosi yathumela amasosha ayo ukuthi ayohlakaza imibhikisho).

Lokhu kusafakazela ukuthi iziphathimandla zisebenzisa amandla azo ukucindezela labo abangenawo noma labo abalwisana nokucindezeleka. Umbhali uqhubeka alandise ngokwenzeka eFrance emva kokuthi kucwile umkhumbi iMendi kwashona amasosha angamakhulu ayisishiyagalombili (800). Kuvela ukuthi iphutha laba ngelomunye woKaputeni babelungu owashayisa umkhumbi.

EFrance

Indaba iyathuthuka lapho amasosha esefikile eDieppie okuyidolobha elikhulu laseFrance elithuthuke kakhulu. Emva kokuthi kube khona ingozi yokucwila kokhumbi, uSihlangu ungena esibhedlela. Kuthe emva kwesikhathi uSihlangu waphuma esibhedlela wahanjiswa enkanjini yamasosha eRouen okwakulapho wayezosebenza khona ephekela amasosha abelungu. Uthe uma efika enkanjini uSihlangu wezwa ukuthi kwenziwa uphenyo mayelana nembangela yokucwila komkhumbi iMendi. Kwamujabulisa lokho uSihlangu. Ngakusasa wafika umbiko wafundela amanye amasosha uSihlangu ukuthi imbangela yokuthi umkhumbi wabo ucwile ngukuthi washayiswa umkhumbi iDarro owawulawulwa uKaputeni Stump. UKaputeni lona akazange ajeziswe ngesenzo asenza kodwa wamane waphucwa ilayisensi yakhe izinyanga ezintathu kuphela. Amagama alandelayo agqamisa lokhu:

> Uphenyo lwekhomishini lubhekane ngqo noKaputeni Stump ngobudedengu bakhe, obudale ukuchitheka kwegazi singekho isidingo, bamuphuce ilayisensi yakhe yokushayela umkhumbi kuchazwe ukuthi uzoyithola emva kwezinyanga ezintathu.
>
> (Khumalo, 2019: 130)

Lapha kuvela ukuthi uKaputeni owashayisa umkhumbi owacwila kwashona amashosha angamakhulu ayisishiyagalombili akazange anikwe isijeziso esiqinile njengoba phela wayebulale

abantu kodwa washaywa ngoswazi oluncane. Lokhu akuzange kuwaphathe kahle amasosha amnyama ngoba abona ukuthi abelungu baphathwa kangcono, noma onile abulala abantu abangaka abagwetshwa njengabantu abamnyama. Njengoba U-Althusser evezile ngenhla ukuthi umthetho uvuna iqembu elinamandla nalapha kuvela ngokusobala ukuthi isijeziso sikaKaputeni Stump sincane ngoba evunwa ngumthetho kaHulumeni omhlophe ngenxa yebala lakhe. USihlangu namanye amadoda aya enkantolo eyoseka uMokoena, okuyilapho kwasuka khona impi enkulu eyaholela ekutheni uSihlangu neqembu lakhe baboshwe. Isigaba esilandelayo siyakugqamisa lokhu:

> Kube yinhlanhla kaSihlangu neqembu lakhe ejele ukuthi ngenkathi sekulungiselelwa ukuba bayokleliswa phambi kwamasosha ahlomile, bathelwe phansi ngezinhlamvu, kuvele umbiko ophuthumayo ovela kubakhuzi abakhulu bempi. Umbiko uthi impi isingene kwelinye igiya. Sengathi iNgilandi nozakwabo bawakladulisa amathafa amaJalimane. Kuthiwa awasabaleki aseshiya izithunzi zawo. Ngakho-ke kunqunywe ukuthi amacala obekufanele ethethwe awasulwe. Nebala ufike umbiko wokuthi iziboshwa nazo ziyadedelwa. Yilapho-ke umfo kaNgobese egiye wagiya waze waquleka. Uphaphama nje usesenkanjini yakhe eRouen.
>
> (Khumalo, 2019: 147)

Lapha kuvela ukuthi uSihlangu namanye amadoda ayajeziswa ngokuboshwa ngenxa yokuthi alwe neziphathimandla zikaHulumeni omhlophe kodwa isijeziso sikaKaputeni Stump asizange sifane nesikaSihlangu namanye amadoda amnyama. Lokhu kuveza ukungalingani okukhona phakathi kwalezi zinhlanga zombili okuveza ukuthi abanamandla, yibona abashaya umthetho ovuna bona.

Isiphetho

Kulesi sahluko kuchazwe ukuthi indawo yendaba iyini kusetshenziswa izincazelo zababhali ezahlukahlukene. Kuqhutshwe ngokuveza zonke izindawo ezitholakala enovelini

esihloko esithi Ngenxa YeMendi (2019) kaKhumalo, okubalwa kuzo indawo yaKwaMaphumulo, eThekwini, eKapa, eMkhunjini ISS Mendi kanye naseFrance lapho kuvezwe ukuthuthuka kwalezi zindawo kanye nezigameko ezenzeka kulezi zindawo ezigqamisa indikimba yokungalingani. Indawo lapho indaba yenzeka khona. Kuningi ekubalulayo okufana nokuthi indawo inamthelela muni kusikompilo labalingiswa, inamuthelela muni ekuziphatheni kwabalingiswa, lokhu kuvelile kwenzeka kumlingiswa omkhulu uSihlangu.

Imithombo Yolwazi

Althusser, L. (1970). *Ideology and Ideological State Apparatus.* Northridge: Carlifonia State University.

Africanhistory.Com. (2022). South Africa's Apartheid Era Population Registration Act. Online newspaper. Available at: https://www.thoughtco.com/population-registration-act-43473 [Accessed 14 April 2022].

BusinessTech. (2016). Fees Must Fall Leaders Explain What Decolonised Education Mean. Online Newspaper. Available at: https://businesstech.co.za/news/trending/141333/feesmustfall-leaders-explain-what-decolonised-education-means\ [Accessed 15 September 2022].

The Guardian. (2014). Apartheid Ended 20 Years Ago, So Why is Cape Town Still a Paradise for the Few. Online Newspaper. Available at: https://www.theguardian.com/cities/2014/apr/30/cape-town-apartheid-ended-still-paradise-few-soutafrica#:~:text=%E2%80%9CCape%20Town%20was%20conceived%20with,of%20scrubland%2C%E2%80%9D%20he%20says [Accessed 14 May 2022].

Horsthomke, K., Siyakwazi. P., Walton. E, noWolhunter. C. (2016). *Education Studies.* Cape Town: Oxford University Press Southern Africa (Pty) Ltd.

Hlongwane. J.B, Msimang. C.T., Ntuli. D.B.Z. (1988). *IsiZulu Samaciko Ibanga 10.* Pietermaritzburg: Shuter and Shooter Publishers.

Khumalo. F. (2019). *Ngenxa YeMendi.* Cape Town: Oxford University Southern Africa (Pty) Ltd.

Marx, K. noEngels, F. (1848). *The Communist Manifesto.* London: Penguin publishers.

Mhlanga, E. J. (2019). *Ubhuku Lwamanqe Ibanga 12.* Westville: Lection Publishers.

Mhlongo, G. Z. (2018). Ucwaningo Ngegalelo LikaWanda M.E Ekubhalweni Kwenoveli ethi: *Kunjalo-ke:* Kugxilwe Kwisakhiwo, Abalingiswa Nengqikithi. Unpublished Masters Dissertation. Pietermaritzburg: ENyuvesi YaKwaZulu Natali.

Mshengu, Z.M. (2020). Isizinda nendikimba Yobugebengu Emibhalweni Engamanoveli: Kuyoqhuma Nhlavana, Igazi Lezibi, Ayikho Impunga Yehlathi nethi Inkinsela YaseMgungundlovu. Unpublished Master's Dissertation. Pietermaritzburg: ENyuvesi yaKwaZulu Natali.

Mtumane, Z., noSibiya. E.D.M. (2022). *Trends and Tropes.* Pietermaritzburg: University of KwaZulu Natal Press.

Horsthomke, K., P. Siyakwazi., Walton. E., noWolhunter, C. (2016). *Education Studies.* Cape Town: Oxford University Press Southern Africa (Pty) Ltd.

People dispatch. (2022). King's Forces Attack Communist Party of Swaziland Members as Pro-Democracy Protests Continue. Online Newspaper. Available at: https://peoplesdispatch.org/2022/08/08/kings-forces-attack-communist-party-of-swaziland-members-as-pro-democracy-protests-continue/ [Accessed 25 September 2022].

Taylar, J.P. (1967). *Karl Marx and Friedrich Engels: The Communist Manifesto.* New York: Penguin Group Publishers.

Tshabalala, T.E. (2015). Ukuvezwa Kwendikimba Yengculazi Enovelini KaM.E Wanda Ethi 'Kunjalo-ke'. Unpublished Master's Dissertation. Pietermaritzburg: ENyuvesi YaKwaZulu Natali.

Zungu, T. M., Ngonini. T.E.M., noGumede, S.S. noGamede. (2008). *IsiZulu Esicwengekile Ibanga 10.* Durban: New General publishers.

Ukuhlaziywa Kwezinhlobo Zemibuzo-Mbumbulu Ezitholakala Ezinkondlweni Ezithize ZesiZulu

Gcinile Beauty Thwala

African Languages, Humanities
University of Witwatersrand
Johannesburg, South Africa

Sibongile Mxwali

African Languages, Humanities
University of Johannesburg
Johannesburg, South Africa

Isingeniso

Indlela ababhali abasebenzisa ngayo ulimi uma bebhala imisebenzi yobuciko njengazo izinkondlo iyakwazi ukuveza ikhono lombhali. Umuntu nomuntu unendlela yakhe yokwenza izinto, lokhu kuphawulwa njengesitayela somuntu. Nemibhalo yesiZulu ilandela isitayela sababhali bayo. Umbhali uyena okhetha indlela azobhala ngayo. Injulalwazi ye-stayilistiki okusekelwe kuyo lolu cwaningo ikubeka kucace ukuthi umbhali ngamunye unendlela yakhe abhala ngayo nesu lakhe alisebenzisa emibhalweni yakhe ukudlulisa umlayezo wombhalo. Izifenqgo zingelinye lamasu asetshenziswa ngababhali bezinkondlo ukugqamisa bagcizelele umlayezo ezinkondlweni zabo. Usonkondlo ukhetha izifenqgo afisa ukuzisebenzisa enkondlweni yakhe bese egxila ekuzisebenziseni ngempumelelo.

Lesi sahluko sizobheka uhlobo lwesifenqo olwaziwa ngokuthi umbuzo-mbumbulu. Sizoqala ngokunika incazelo yombuzo-mbumbulu bese sibheka izinhlobo zemibuzo-mbumbulu. Sizobheka uhlobo olubizwa ngomabuza-sakukhathazeka nezibonelo zalo. Sizoqhubeka sichaze uhlobo

CC BY

olubizwa ngomabuzeqinisekisa kuvezwe nezibonelo bese kuchazwa uhlobo lokugcina olubizwa ngomabuzephendula. Okugqugquzele lolu cwaningo ukubona indlela abahlaziyi bolimi lwesizulu abayishaya ngayo indiva indaba yokujula kwezifengqo njengoba iningi labo uma kuhlaziywa izifengqo lukha phezulu nje.

Okubalulekile ngalolu cwaningo ukuthi kube nolwazi oluveza ukuthi nakhona ezinkondlweni zesiZulu zikhona izinhlonhlobo zemibuzo mbumbulu, azigcini kuphela ezinkondlweni ezibhalwe ngezinye izilimi. Ukubaluleka kwalolu cwaningo kuzobonakala kuzo izinhlobo zemibuzo mbumbulu njengoba engekho amagama esiZulu alezi zinhlobo ngaphandle kwalawa abacwaningi abaziqambele wona bewasusela esiNgisini. Lokhu kuchaza ukuthi lolu cwaningo luzovala igebe elikhona ekwenziweni kocwaningo ngezinhlobo zemibuzo mbumbulu, luphinde luveze namagama amasha esiZulu angasetshenziswa.

Lolu cwaningo luzoqhutshwa ngokusebenzisa indlela yekhwalithethivu. Indlela yekhwalithethivu yileyo esho ukuqonda kabanzi ngento ethile, Kungaba uhlobo lwabantu abathile ngaphandle kokuphumela ngaphandle uzifikele qathatha endaweni yabo (Msomi, 2015:11).

U-Aspers noCorte (2019:142) bachaza indlela yekhwalithethivu bathi:

> *Qualitative method involves the studied use and collection of a variety of empirical materials – case study, personal experience, introspective, life story, interview, observational, historical, interactional, and visual texts – that describe routine and problematic moments and meanings in individuals' lives*
>
> (Indlela yekhwalithethivu ifaka indlela efundiwe yokusetshenziswa nokuqoqwa kwezinsiza eziwubufakazi beqiniso- ucwaningo lwesigameko, ulwazi lomuntu, ukuzibheka wena, indaba ngempilo, ingxoxomibuzo, okubonakalayo emphakathini, umlando, ingxoxo kanye nezithombemagama ezichaza inqubo kanye nezikhathi eziyinkinga nezincazelo zazo ezimpilweni zabantu abahlukene).

Laba babhali bagqamisa ukuthi endleleni yekhwalithethivu kuqoqwa ulwazi ukuzama ukuchaza izinto eziyinkinga empilweni, ocwaningayo uhlala phansi acubungule aqoqe ulwazi. U-Adam nabanye (2019:15) bona bacaphuna uDenzin noLincoln lapho bethi:

> *Qualitative research involves an interpretive, naturalistic approach to the world. This means that qualitative researchers study things in their natural settings, attempting to make sense of or interpret phenomena in terms of the meanings people bring to them.*
>
> (Ucwaningo lwekhwalithethivu luqukethe indlela yemvelo yokuhumusha izwe. Lokhu kuchaza ukuthi abacwaningi bekhwalithethivu bafunda izinto besendaweni yabo, bezama ukwenza umqondo wezinto noma bezihumusha ngokwencazelo elethwa abantu kubo).

Lolu cwaningo luzoqhutshwa ngokuthi kufundwe imibhalo ephathelene nezifengqo, ikakhulukazi leyo ebheka umbuzo-mbumbulu. Kuzosetshenziswa imithombo ehlukahlukene efana namajenali, ama-athikili kanye nezichazamazwi ukuthola ulwazi.

Lolu cwaningo lusekelwe yinjulalwazi yokusetshenziswa kolimi. UStockwell noWhiteley (2014: 5) bathi "Stylistics retains a central emphasis on style as its validating principle" (Istayilistiki sigcizelela ngokuphelele isitayela njengengxenye ebalulekile). Ngenxa yokuthi isitayela siyingqikithi yenjulalwazi yokusetshenziswa kolimi, uBurke (2014:518) ucaphuna umbhalo wakhe kuVerdonk lapho echaza isitayela esixhumanisa nenjulalwazi yokusetshenziswa kolimi (istayilistiki) ethi "Style is characterized as a 'distinctive linguistic expression' and stylistics as 'the analysis' of such expression 'and the description of its purpose and effect" (Isitayela siphawulwa 'njengendlela ekhethekile yezisho zolimi kanti injulalwazi yona ngukucutshungulwa' kwalezo zisho 'nokuchaza inhloso nomthelela wazo).

Kafushane uBurke uchaza ukuthi ngesitayela kusuke kuchazwa indlela umsebenzi womuntu ophawuleka ngayo kulandela indlela asebenzise ngayo ulimi ngendlela eyehlukile bese kuthi injulalwazi yokusetshenziswa kolimi isetshenziswe ukucubungula kuhlolwe lolu limi. Injulalwazi yestayilistiki ihamba phezu kwayo lencazelo kaBurke, ihlola indlela ulimi olusetshenziswe ngayo njengesitayela sombhali.

Omunye umbhali oyichazayo lenjulalwazi yokusetshenziswa kolimi ngu-Abdulmughni (2019: 413) lapho ecaphuna u-Aslam nabanye uma bethi:

> *Stylistics is a discipline of applied linguistics, which was primarily involved in evaluating the styles of textual content. In this context, stylistics aims to interpret textual content, rather than simply describing the text's formal characteristics.*
>
> (Istayilistiki umkhakha wokusetshenziswa kolimi, ekuqaleni owawuphathelene nokuhlola isitayela sokuqukethwe umbhalo. Kulokhu, istayilistiki sihloselwe ukutolika okuqukethwe umbhalo, kunokuchaza kuphela izimpawu ezisemthethweni zemibhalo).

Uyaqhubeka uBurke (2014:1) eyichaza lenjulalwazi enaba nangomlando wayo lapho ethi:

> *Stylistics is the study and analysis of texts; it is in particular the study and analysis of literary texts. The origins of stylistics go back to the poetics, and especially to the rhetoric, of the ancient classical world. In ancient rhetoric, it is principally the third of the five canons which is of importance to stylistics. The ancient Greeks called this third canon 'Lexis', and the Romans referred to it as 'elocutio'. We know it today as style.*
>
> (Istayilistiki yisifundo sokuhlaziywa kwemibhalo; ngokukhethekile yisifundo sokuhlaziya imibhalo yobuciko. Umsuka wenjulalwazi yestayilistiki usuka emuva ebunkondlweni, ikakhulukazi kokukhulunywayo, ezweni lasemandulo. Ekukhulumeni kwasendulo ingumthetho wesithathu kwemihlanu ebalulekile

> kunjulalwazi yestayilistiki. AmaGrikhi asendulo ayewubiza lomthetho wesithathu ngokuthi yi-'Lexis', amaRomani ewubiza ngokuthi yi- 'elocutio'. Namhlanje yaziwa ngokuthi yisitayela).

Ngokubheka izincazelo ezingenhla, injulalwazi yokusetshenziswa kolimi ingachazwa ngokuthi yinjulalwazi ephathelene nokuhlola ikhono lombhali ekusebenziseni ulimi ngendlela yakhe. Isetshenziswa ukuhlaziya ulimi olusetshenzisiwe, indlela umbhali akhethe ukusebenzisa ngayo ulimi ukudlulisa umlayezo noma imizwa nemicabango yakhe. Iphinda ibheke umthelela lokhu okunakho embhalweni ngenhloso yokuveza ukuthi umlayezo udluliswe kanjani kusetshenziswa amasu olimi.

Izifengqo emibhalweni yobuciko ziyisu umbhali asuke enqume ukulisebenzisa ukudlulisa umlayezo wombhalo wakhe, lokhu ke kungabizwa ngesitayela sombhali. Izifengqo lezi njengesitayela sombhali zisebenzisa ulimi olucashile olungahlaziywa kalula ngenjulalwazi yestayilistiki lapho kubhekwa indlela umbhali asebenzise ngayo ulimi ezinkondlweni zakhe. Yingakho ke le njulalwazi ihambisana nalolu cwaningo olujula ngesifengqo esingumbuzo -mbumbulu esitholakala ezinkondlweni zesiZulu.

Baningi ababhali asebebhale ngezifengqo ezinkondlweni bebeka imibono yabo ngesihloko, kanti futhi baningi ababhale ngezinhlobo zezifengqo kodwa akekho obhale ngezifengqo wajula ngazo ngale ndlela yomcwaningi.

UChiliza (2001) ocwaningweni lwakhe olunesihloko esithi 'Ucwaningo Olunzulu Ngengqikithi Yobunkondlo Bezibongo Zomdabu' uyabhala ngezinhlobo zezifengqo lapho ebheka izinhlobo eziyishumi nanye. Zonke lezi zifengqo okaChiliza uzibheka ezikha phezulu, akajuli ngazo. Isibonelo yilapho ebheka uhlobo lwesifengqo olwaziwa ngesifaniso. Yena uchaza isifaniso njengesifengqo, akabheki izinhlobo zaso nendlela eyahlukile ezivela ngayo ezinkondlweni.

UKhathi (2002) ocwaningweni lwakhe olunesihloko esithi 'Ikhono LikaMagolwana Jiyane Ekusebenziseni

Izithombemagama, Izifengqo Nesakhiwo Ezibongweni Zenkosi UDingane' ubhala ngezifengqo futhi athi ukujula kepha yena uzehlukanise ngalokho ezikuqukethe ngokwencazelo. Isibonelo yindlela achaza ngayo uhlobo lwesifengqo olubizwa ngokuthi yisingathekiso. Lesi sifengqo uKhathi usihlukanisa kabili, kukhona esihlobene nebizo kanye nesihlobene nesenzo okuchaza ukuthi ubheka incazelo yaso ukuthi siqukethe isenzo yini bese esihlukanise ngale ndlela.

UZwane (2015) ocwaningweni lwakhe oluthi 'Ucwaningo Lwezingathekiso Ezitholakala Ezithakazelweni ZesiZulu' ucwaninga ngohlobo lwesifengqo olubizwa ngokuthi yisingathekiso. Ocwaningweni lwakhe uyajula ngalolu hlobo lapho ebheka izinhlobo zesingathekiso. Uzehlukanisa ngendlela ezivela ngayo emibhalweni nencazelo yazo. Isibonelo yilapho echaza izinhlobo zesingathekiso eveza izingathekiso ezingamabizoqho, ezingamabizo, eziyisenzo njalonjalo. Umehluko omkhulu ukuthi uZwane ujula ngesingathekiso ezithakazelweni hhayi ezinkondlweni.

UNtombela (2011) esifundweni sakhe esinesihloko esithi 'Amasu Asetshenziswa Ngomasikandi BesiZulu Emculweni Wabo' uzidingidile izinhlobo zezifengqo kepha ezibheka njengesu elisetshenziswa emculweni kamaskandi. Naye njengeningi elibhala ngezifengqo, uzikhe phezulu. Uma echaza isifaniso usichaze njengegama eliyisambulela, akangenanga abheke izinhlobo zazo, uchaze isifaniso njengesifengqo kuphela.

UThwala (2018) ocwaningweni lwakhe lokufeza izidingo zehonours olusihloko sithi 'Izifengqo Ezithize Ezitholakala Ezinkondlweni Zezimbongi Ezimbili ZesiZulu' naye ubhalile ngezifengqo kepha yena ubheka isifaniso, isingathekiso kanye nesenzasamuntu ngendlela eyehlukile kunaleyo yalolu cwaningo njengoba yena egxila emaqoqweni ezinkondlo amabili kuphela, iqoqo likaMhlanga noThwala (2008) elithi Amahlokohloko kanye neqoqo likaNkabinde (1997) elisihloko sithi Inkwazi.

Le mibhalo engenhla ihlaziya izifengqo ezitholakala emibhalweni yobuciko. Yize kunjalo awukho ojula ngombuzo mbumbulu nezinhlobo zawo, lesi sifundo esihlose ukujula kuwo.

Ukuchazwa kombuzombumbulu

Uma kukhulunywa ngombuzo, emqondweni kufika igama elithi impendulo ngoba lokhu kuyahambisana. Umbuzo ubuzwa ngenhloso yokuthola impendulo. Umbuzo uthi, kungashiwo yini lokho ngombuzo-mbumbulu? Impendulo yalo mbuzo itholakala encazelweni yaso lesi sifenqo esibizwa ngombuzo-mbumbulu.

UNtombela (2011) uveza ukuthi umbuzo-mbumbulu umbuzo obuzwa kube kungadingeki mpendulo, ngenhloso yokugcizelela umlayezo othile. Lokhu kuchaza ukuthi umbuzo-mbumbulu uyindlela engaqondile yokudlulisa kugcizelelwe umlayezo embhalweni. Nabanye ababhali bayavumelana nokuthi lolu hlobo lombuzo awudinge mpendulo, njengaye uCronick (2002) uma ethi umbuzo-mbumbulu umbuzo ovamise ukusetshenziselwa ukubeka iqiniso elingephikiswe ngenhloso yokugcizelela iqiniso ngendlela esambuzo. Le ncazelo igcizelela ukuthi umbhali noma usonkondlo angasebenzisa umbuzo-mbumbulu ukudlulisa ubuqiniso nobunjalo bento. Nalapha akukho lapho kukhulunywa khona ngempendulo yalolu hlobo lombuzo, laba babhali babeka phambili inhloso yokugcizelela ulwazi oluthize. Ngokuka Rong-gen (2019), umbuzo-mbumbulu uhlobo lwesifenqo olubeka iphuzu ngendlela ebuzayo, lolu hlobo luvamise ukuvela luqukethe impendulo, ngakhoke aludingi mpendulo kuphela ludlulisa umlayezo.

Lokhu kuchaza ukuthi impendulo yombuzo-mbumbulu ayitholakali ekudeni, ikuwo umbuzo ngenhloso yokugcizelela uqondo wempendulo leyo.

UNordquist (2020:1) uthi:

> *Rhetorical questions are commonly used in speech and in informal kinds of writing (such as advertisements). Rhetorical questions appear less frequently in academic discourse*
>
> (Umbuzo-mbumbulu uvamise ukusetshenziswa kakhulu uma kwethulwa inkulumo kanye nasemibhalweni engabekelwe mgomo (njengezikhangiso). Umbuzo-mbumbulu awuvamisanga ukuvela ezingxoxweni zezemfundo).

Ukusebenzisa umbuzo-mbumbulu kudonsa umqondo walowo olalele agxile kulokho okwethulwayo futhi umenze alangazelele ukuzwa okuzolandela. Inhloso yombuzo-mbumbulu iyehluka umbhalo nombhalo. Kokunye umbuzo-mbumbulu uyagcizelela kanti kokunye uveza ukuvumelana nokuphikisana nephuzu elithize ngamandla. Kukhona nohlobo lombuzo-mbumbulu lapho umbhali ebuza maqede alandelise ngempendulo. Lokhu kuchaza ukuthi kukhona izinhlobonhlobo zemibuzo-mbumbulu.

Umbuzo-mbumbulu ke ungachazwa ngokuthi uhlobo lombuzo ongadinge mpendulo, onhloso yawo ingale kokuthola impendulo. Inhloso ngukudlulisa isitatimende ngandlela thizeni. Njengoba kunezinhlobo zezifenqo, lolu uhlobo lwesifenqo nalo lunezinhlobonhlobo. Umbuzo-mbumbulu wehlukene kulandela indlela ohleleke ngayo nenhloso yawo. Kukhona uhlobo olubizwa ngokuthi umabuza-sakukhathazeka, kukhona umabuzeqinisekisa kanye nohlobo olubizwa ngokuthi umabuzephendula. Ukuchazwa kwalezi zinhlobo kuyalandela ngezansi, kuqalwa ngomabuza-sakukhathazeka.

Umabuza-Sakukhathazeka

Umabuza-sakukhathazeka ngolunye lwezinhlobo zemibuzo-mbumbulu. Ungaphawulwa ngokuthi uhlobo lombuzo-mbumbulu oluhambisana nokukhathazeka ngesenzo esithile esikhuzwayo. UGallagher (1970:510) uchaza umabuza-sakukhathazeka kanje:

> *Epiplexis is a rhetorical question where in questions are asked not in order to know anything but to chide, reprehend, show disappointment and embarrassment. This is to emphasize one's fault and disapproval of it.*
>
> (Umabuza-sakukhathazeka uhlobo lombuzo-mbumbulu lapho khona imibuzo ayibuzwa ukuze kwazeke okuthize kodwa ukudlulisa ukukhala, ukukhathazeka, ukuphoxeka nokuhlambalazeka. Lokhu kuwukugcizelela iphutha lomuntu nokungahambisani nalo).

Kule ncazelo kuyavela ukuthi lolu hlobo lombuzo-mbumbulu luphelezelwa yimizwa yokukhathazeka ngoba umbhali usuke engeneme ngesenzo leso esisembuzweni.

Abanye ababhalali bababaza ubungozi balolu hlobo lombuzo-mbumbulu, njengaye uNordquist (2020:2) ngokucaphuna uPoe lapho ethi umabuza-sakukhathazeka uyingozi kunazo zonke ezinye izinhlobo zemibuzo-mbumbulu ngoba akasetshenziselwa ukuthola ulwazi kodwa ukuhlambalaza, ukukhuza nokuhlukumeza. Okokugcina uSherry (2015:1) uthi umabuza-sakukhathazeka ubuye achazwe ngokuthi "It is asking questions in order to chide, to express grief or to inveigh" (Kungukubuza imibuzo ukuze kukhuzwe, kuvezwe usizi noma kugxekwe).

Ngemuva kokubuka izincazelo ezingenhla, lolu hlobo lombuzo-mbumbulu lungabizwa ngokuthi umabuza-sakukhathazeka futhi lungachazwa ngokuthi uhlobo lwesifenqo olwakhiwe okombuzo owejwayekile kodwa onhloso yawo ingukudlulisa umqondo noma umlayezo ngendlela egcizelela umuzwa othile.

Umabuza-sakukhathazeka uyatholakala enkondlweni ka E. J Mhlanga ethi 'Mbali Yami':

> Mbali yami, kungan' ungangincinzanga,
>
> Ngokuthi lo mhlabath' obuqhakaze kuwona
>
> Usuphelelwe ngumquba ongumsoco wokuqhakaza?
>
> (Maphumulo, 2004:65)

Kule nkondlo usonkondlo ukhuluma nesithandwa sakhe esesimdukele ngenxa yokuphela kothando. Usibuza imibuzo ngendlela uthando lwabo oluvele lwaphela ngayo. Ubuza umbuzo-mbumbulu owuhlobo olubizwa ngomabuza-sakukhathazeka ngendlela eveza usizi nokuphatheka kabi lapho ebuza isithandwa sakhe ukuthi kungani singakhulumanga uma uthando lwabo lungasasijabulisi.

Enkondlweni usonkondlo ubiza isithandwa sakhe ngembali. Lokhu kuyindlela yokukhanyisa ngobuhle bakhe,

phela izimbali zaziwa ngemibala yazo emihle eqhakaza ikuhehe uhamba kude. Uyabuza ke usonkondlo ukuthi kungani imbali yakhe ingamncinzanga. Ukuncinza yisenzo esenziwa yizinyosi. Uma kwenziwa ngumuntu komunye kusuke kuchazwa ukuqwashisa umuntu ngokwenzekayo noma okuzokwenzeka. Ngakho ke ngalo mbuzo usonkondlo ubuza ukuthi kungani isithandwa sakhe singamqwashisanga noma singamhlebelanga kusenesikhathi ngesimo sothando lwabo.

Uyaqhubeka usonkondlo ubuza uthi "Ngokuthi lomhlabath'' obuqhakaze kuwona usuphelelwe ngumquba ongumsoco wokuqhakaza?". Uma kukhulunywa ngomhlabathi kusuke kukhulunywa ngesisekelo sokuthize noma into okwakhiwa ngaphezu kwayo. Ngokwenkondlo umhlabathi umele uthando lukasonkondlo nesithandwa sakhe oluyisisekelo sobudlelwane babo. Umquba umhlabathi ohlangene nobulongwe otholakala esibayeni semfuyo. Umquba ke usetshenziswa ukulekelela isitshalo ukuthi sikhule siqhakaze sikhiphe ukudla okunomsoco. Lapha usonkondlo uma ekhuluma ngomquba othandweni lwabo ukhuluma ngezenzo zothando ezifudumeza noma ezenza uthando lukhule. Ngalamazwi usonkondlo uyabuza ukuthi kungani engamqwashisanga ukuthi uthando lwabo alusamujabulisi.

Lapha usonkondlo ugxeka isenzo sokuthi isithandwa sakhe sivele siphume othandweni lwabo ngaphandle kokukhuluma uma singaseneme. Inhloso yalombuzo-mbumbulu akukona ukuthola impendulo kepha ukuveza ukukhathazeka kuka sonkondlo nokungahambisani kwakhe nesinqumo salona abethandana naye sokushiya uthando abebenalo. La mazwi aphelezelwa ngumoya wosizi nokukhathazeka. Usonkondlo ukhathazekile ukuthi lona abethandana naye wathatha isinqumo sokumshiya ngaphandle kokumqwashisa ukuthi akasajabule. Zonke lezi zimpawu zifakazela ukuthi ngempela lona ngumabuza-sakukhathazeka.

Umabuza-sakukhathazeka uyavela futhi enkondlweni kaMajola ethi 'Lunjalo Uthando'. Usonkondlo ngokudideka nokukhathazeka uyabuza uthi:

Kuphithane ikhanda ukudideka.

Kanti yimuphi engimthandayo?

(Mazibuko, 2018:6)

Kule nkondlo yothando usonkondlo ukhathazwa ukudideka kwenhliziyo yakhe, edidwa ubuhle bamantombazane ahlukene ezweni. Ubuza umbuzo-mbumbulu lapho ethi "kanti yimuphi engimthandayo?" Lo mbuzo-mbumbulu awunayo impendulo, olalele ngeke awuphendule kanjalo naye usonkondlo uqobo ngoba usadidekile. Lokhu kudideka kuyamkhathaza ngoba naye usezifunela uthando oluzogxila kepha nakhu ukudideka kungumngane wakhe. Lo mbuzo-mbumbulu ke uhlobo olubizwa ngokuthi umabuza-sakukhathazeka ngoba inhloso yawo akusikho ukuthola impendulo kepha udlulisa ukukhathazeka ngomuzwa wokudideka anawo usonkondlo.

Esinye isibonelo sika mabuza-sakukhathazeka sitholakala enkondlweni kaButhelezi ethi "Gugu lami ukuphi?" Lapha usonkondlo udlulisa ukukhathazeka ngokudukelana kwakhe nesithandwa sakhe asibiza ngegugu lakhe. Uthi:

Uma ngabe usukwelabathule;

Akungcono ngibe nawe na?

(Ntuli, et al., 2007:17)

Ngokukhathazeka lapha usonkondlo ubuza ukuthi uma isithandwa sakhe kwenzeka ukuthi sesikwelabathule okuchaza ukuthi sesikwelabangasekho emhlabeni, akungcono yini naye afe ukuze babe ndawonye? Lena yindlela yokudlulisa ukukhathazeka ngoba esezosala yedwa engazi ukuthi usezophila kanjani ngaphandle kwesithandwa sakhe ngenxa yokudukelana kwabo. Lo mbuzo awunampendulo ngoba vele negugu lakhe leli alitholakali ndawo. Lokhu kuyaqinisekisa ukuthi lona ngumbuzo-mbumbulu onhloso yawo ukudlulisa ukukhathazeka kuphela.

Umabuzeqinisekisa

UZimmerman (1997:747) uchaza umabuzeqinisekisa uthi: "An erotesis is a rhetorical question serving two functions, implying strong affirmation or denial" (Umabuzeqinisekisa umbuzo-mbumbulu osebenza imisebenzi emibili, ukuqinisekisa ngamandla noma ukuphika ngamandla. Lapha usonkondlo usuke evuma okuthize kodwa ekwenza lokhu sakubuza. Umabuzeqinisekisa umbuzo-mbumbulu oqinisekisa ukuhambisana nento noma uphike ngamandla. Kukumuntu owusebenzisayo ukuthi ngaleso sikhathi uzama ukuphikisa okuthize noma ukukuqinisekisa. USmith (2006: 167) yena uthi inhloso kamabuzeqinisekisa ukunxenxa lowo olalele ukuthi avumelane aphinde akholwe lokho okubekwa yimbongi. Lokhu ke kuliqiniso. Uma umbhali esebenzisa umabuzeqinisekis usebenzisa amazwi aqinisekisa uhlangothi angakulo ngokuphelele, kodwa konke lokhu kwenziwa ngendlela esakubuza umbuzo.

NgokukaQuinion (2008:1), "erotesis is a manner of phrasing a question that presupposes an answer that is either a strong affirmative or, more often, a strong negative" (Umabuzeqinisekisa yindlela yokubeka umbuzo osampendulo evuma ngamandla noma kaningi, ephika ngamandla). Lolu hlobo lo mbuzombumbulu ngokwencazelo lungabizwa ngokuthi umabuzeqinisekisa kanti lungachazwa ngokuthi umbuzo ongadingi impendulo, onhloso yawo ingukuqinisekisa umbono noma uhlangothi oluthize.

Umabuzeqinisekisa uhlobo lombuzo-mbumbulu ongaphendulwa ngoba impendulo yawo isobala, iyaqinisekiswa nje kuphela. Umsebenzi kamabuzeqinisekisa ukuqinisekisa noma ukudweba isitatimende esiyisiphetho ngodaba okukhulunywa ngalo. UMabuzeqinisekisa uyatholakala enkondlweni ka-Buthelezi ethi "Gugu lami ukuphi?" lapho ethi:

Gugu lami- guqa ucele

kuyena nawe uMvelingqangi,

Esephendula ubuso beNkazimulo-

> Zifezeke nezethu izifiso- Akunjalo?
>
> (Ntuli, et al., 2007:18)

Lapha usonkondlo ubalisa ngokudukelana kwakhe nothandiweyo wakhe. Enkondlweni usonkondlo unxenxa isithandwa sakhe ukuthi lapho sikhona sishaye ngedolo phansi sibike konke kuMdali ukuze abakufisayo, okungukuba baphinde bahlangane kwenzeke.

Kulesi sitanza usonkondlo ubuza ngenhloso yokuqinisekisa agcizelele lokho akuveza ngaphambi kokudlulisa umbuzo othi 'akunjalo?' Usonkondlo uqala ngokuveza loko afisa isithandwa sakhe sikwenze ukuze baphinde batholane babe ndawonye. Umtshela okufanele akwenze ukuze kufezeke isifiso sabo sokuba ndawonye. Ukuze abe nesiqiniseko sokuthi isithandwa sakhe naso sifisa lokho akufisayo, ubuza umbuzo oqinisekisa uphinde ugcizelele lokho akufisayo lapho ethi 'Akunjalo?'. Ngalo mbuzo akalindele mpendulo kepha uqinisekisa ukuthi bobabili benesithandwa sakhe banesifiso esisodwa. Igama elithi 'akunjalo' lisendleleni ephikayo kepha lapha lisebenze njengombuzo ukuqinisekisa ngamandla futhi kugcizelelwe okushiwo ngaphambi kombuzo lona. Impendulo yalo mbuzombumbulu ilele kusitatimende asidlulisa ngaphambi kwawo futhi asikho nesithandwa sakhe ukuwuphendula. Ngakho-ke kungashiwo ngaphandle kokungabaza ukuthi lona ngumbuzo-mbumbulu oqinisekisa ukuvuma noma ukuphika ngamandla.

Isibonelo sesibili yileso esitholakala enkondlweni kaNgubo esihloko sithi "Ngingephile Ngaphandle Kwakho" lapho sivela kanjena:

> Ingabe kunjalo nakuwe Bhungane omuhle?
>
> (Sibiya, 2005:41)

Kule nkondlo usonkondlo uchaza indlela angeneme ngayo ngokuphila ngaphandle kwesithandwa sakhe. Uthi kokunye ufikelwa nayizinyembezi. Usonkondlo weneka indlela azizwa ngayo ngaphandle kwesithandwa sakhe. Indlela impilo

engashintsha ngayo ngisho sekuthiwa isithandwa sakhe sesidlulile emhlabeni. Uzizwa eyedwa, egcwele ukukhathazeka aze afikelwe nayizinyembezi. Konke lokhu ukwenza maqedeaqinisekise ngombuzo-mbumbulu ukuthi isithandwa sakhe naso ngabe sizizwa ngale ndlela yini lapho sikhona ngamazwi athi "Ingabe kunjalo nakuwe Bhungane omuhle?"

Lo mbuzo-mbumbulu usonkondlo uwubuza ngenhloso yokuqinisekisa ukuthi indlela azizwa ngayo iyafana yini naleyo isithandwa sakhe esizizwa ngayo. Umabuzeqinisekisa uyatholakala futhi enkondlweni ka NP Mpungose ethi "Uthi Angikholwe Uthando?" lapho usonkondlo ethi:

> Uth' angikholw' uthando?
>
> Ngikholwe yilo? Kambe lona
>
> Luyakholwa yimi na?
>
> Kanjani ngingayek' ukukholwa kuMdali
>
> Kodwa ngikholwe uthando?
>
> (Sibiya, 2019:88)

Lapha usonkondlo usebenzise umabuzeqinisekisa ukuqinisekisa futhi agcizelele ukungahambisani noma ukuphikisana ngamandla nothando ngenxa yokuphoxeka kwakhe. Lo mbuzo-mbumbulu ubeka iqiniso ngendlela esambuzo. Usonkondlo udlulisa umlayezo othi ngeke esalukholwa yena uthando ngoba lumhlukumezile. Ukunalokho kungcono akholelwe kuNkulunkulu ngoba yena akaphoxani. Konke lokhu ukudlulisa ngendlela esambuzo, umbuzo uqobo uqukethe impendulo ngendlela engaqondile. Ekugcineni uthi "Kanjani ngingayek' ukukholwa kuMdali kodwa ngikholwe uthando?'' Lo mbuzo-mbumbulo usebenze njengesiqinisekiso esingamandla sokuthi usonkondlo akasenawo amandla okukholelwa othandweni usezikhethele uNkulunkulu. Iyona nhloso kamabuzeqinisekisa ke lena, ukudlulisa ukuphika noma ukuqinisekisa okungamandla ngesu lombuzo-mbumbulu enkondlweni. Usonkondlo uyaqinisekisa ukuthi ngeke akholwe uthando ayeke ukukholwa kuNkulunkulu.

Umabuzephendula

Umabuzephendula uhlobo lombuzo-mbumbulu owehlukile kakhulu. Lolu hlobo luphelezelwa yimpendulo. Omunye umbhali uchaza lolu hlobo lombuzo-mbumbulu ngokuthi "Anthypophora is a rhetorical term for the practice of asking oneself a question and then immediately answering it" (uNordquist, 2019:1) (Umabuzephendula yigama mbumbulu lesenzo sokuzibuza umbuzo bese uwuphendula ngokushesha). Lokhu kuchaza ukuthi lo mbuzo-mbumbulu kufanele ulandelwe yimpendulo ngaso sonke isikhathi.

UNordquist (2019:1) ngokucaphuna i-Dictionary of Rhetorical terms, uchaza kanje: "Anthypophora is known as the immediate reply to a rhetorical question" (Umabuzephendula waziwa ngokuthi yimpendulo ephuthumayo elandela umbuzo-mbumbulu). Lokhu kugcizelela ukuthi impendulo ehamba nalo mbuzo-mbumbulu kufanele isheshe ilandele abalalele nabafundayo bengekazihluphi ngokucabanga impendulo. UCronick (2002:4) uphawula ngomabuzephendula ovele enkondlweni yomunye usonkondlo uthi "He begins with a question and passes immediately to the answer (anthypophora)" (Uqala ngombuzo bese ngokushesha aqhubekele rempendulweni). Lo mbuzo ungabuzwa ekupheleni kwesinye isitanza uphenduleke ekuqaleni kwesinye. Okubalulelike ukuthi kubekhona ukulandelana kombuzo nempendulo. UNordquist (2019:1) uphawula ngomabuzephendula uthi "anthypophora at times poses a problem due to the definition of a rhetorical question, the answer to the question may be confusing" (Umabuzephendula uyindida kwabaningi ngenxa yencazelo enikezwa uma kuchazwa umbuzo-mbumbulu, impendulo yombuzo ingase idale ukudideka). Inhloso yalolu hlobo lombuzo-mbumbulu ukwenza olalele alangazelele ukuzwa impendulo ezolandela futhi azilungiselele ukuhambisana nombhali wenkondlo ukuveza impendulo.

Umabuzephendula ke ngamanye amazwi angachazwa ngokuthi uhlobo lombuzo-mbumbulu obuza ngenhloso yokudlulisa impendulo. Lo mbuzo-mbumbulu usuke ulandelwa

yimpendulo ngaso sonke isikhathi. Enkondlweni kaNtuli ethi 'Lezozinsuku' umabuzephendula uvela kanjena:

> Yingoba usuthole elinye ijuba
>
> Elizoncoma izimpaphe zakho?
>
> Angilitholanga elinye ijuba
>
> Elizoncoma izimpaphe zami.
>
> (Msimang,1990: 76-77)

Kule nkondlo usonkondlo ukhumbula izinsuku zakudala lapho esenesithandwa sakhe futhi uzama ukuthola nezizathu ezenza behlukane. Usonkondlo ubuza umbuzo abuye aziphendule. Umbuzo yilowo othi "Yingoba usuthole elinye ijuba elizoncoma izimpaphe zakho?" Uma ekhuluma ngejuba usonkondlo akasho isilwane kepha uchaza umuntu. Izithandani ziyaye zibizwe ngamajuba ngoba zihlala zibonakala ngambili ndawonye. Phela amajuba avamise ukuhamba ngamabili. Ngezimpaphe akasho izimpamphe zenyoni, yena ukhuluma ngobuhle besithandwa sakhe. Ubuhle benyoni bulele ezimpapheni zayo. Uyabuza ke ukuthi usethole omunye umuntu ozoncoma ubuhle bakhe yini.

Esitanzeni esilandelayo uyawuphendula lo mbuzo usonkondlo lapho ethi "Angilitholanga elinye ijuba elizoncoma izimpaphe zami", uyaziphendula usonkondlo lapha. Uphendulela isithandwa sakhe ukuthi cha akekho omunye omuntu ozoncoma ubuhle baso. Ngalolu hlobo lombuzo-mbumbulu usonkondlo uzama ukudlulisa umqondo wokuthi uthando lwabo alupheliswanga ukuthi omunye uthole omunye. Usonkondlo akawubuzi lo mbuzo-mbumbulu ngoba elindele impendulo, unayo impendulo okuyilena ayilandelisa ngemuva kokubuza.

Esinye isibonelo sikamabuzephendula sitholakala enkondlweni kaMakhambeni ethi 'Yini le?'. Usonkondlo ubuza umbuzo maqede awuphendule sakubuza kanjena:

> Yinkowankowane na?
>
> Qhabo.

> Kuyadliwa lokhu na?
>
> Phinde.
>
> (Sibiya, 2005:48)

Le nkondlo ikhuluma ngesithelo sasendle esingejwayelekile esikhula ezintabeni sibemhlophe. Usonkondlo ubabaza ubuhle baso nokuheha kwaso. Okumangazayo ukuthi akekho onesiqiniseko segama lalesi sithelo, yingakho nesihloko senkondlo sithi 'Yini le?' Usonkondlo uveza ukuthi lesi sithelo sesihambe saze safika nasemlonyeni wakhe okwenza ukuthi azibuze eziphendula lapho ethi 'Yinkowankwane na?' Inkowankowane ke isithelo sasendle esimise okwe khowe, ikhula imise okwesambulela kodwa yona inkowankowane ayidliwa, iyabulala (uNyembezi noNxumalo, 1966:67).

Usonkondlo ke uzibuza ukuthi ngabe yinkowankowane yini lesi sithelo maqede aziphendule ngokushesha athi 'qhabo'. Lokhu kuzibuza eziphendula kumholela kumbuzo olandelayo lapho ethi 'kuyadliwa lokhu yini?', nalapha uyaziphendula ngokushesha athi 'Phinde'. Lo mbuzo awubuzwa ngenhloso yokuthola impendulo kepha udlulisa isitatimende noma umqondo othize ocashile wokuthi inkowankowane ayidliwa.

Isibonelo sokugcina sikamabuzephendula sitholakala enkondlweni kaBiyela esihloko sithi "Luyini ubandlululo?" lapho usonkondlo ebuza umbuzo-mbumbulu bese elandelisa ngempendulo. Enkondlweni lokhu kuvela kanjena:

> Kanti ngempela luyini ubandlululo?
>
> Izazimthetho zithi ukucwasana ngezepolitiki...
>
> (Ntuli, 2006:45)

Le nkondlo ikhuluma ngobandlululo. Usonkondlo ufunisa ngencazelo yobandlululo, ubuza umbuzo othi "luyini ubandlululo?" Enkondlweni uyawubuza lo mbuzo maqede awulandelise ngempendulo ngokwabantu abathize. Esibonelweni esingenhla ubuza umbuzo uthi "Kanti ngempela luyini ubandlululo?" Lapha usonkondlo uzwakalisa ukudideka nokulangazelela impendulo yokuthi luyini ubandlululo, usefuna

ukwazi ukuthi ngempela luyini. Lo mbuzo ulandelwa umusho odlulisa incazelo yobandlululo lapho ethi "Izazimthetho zithi ukucwasana ngezepolitiki". Le mpendulo yandulela umbuzo kule nkondlo okuchaza ukuthi usonkondlo ubuza umbuzo abuye awuphendule ngokushesha. Inhloso yalo mbuzo akusikho ukuthola impendulo ngoba vele useyivezile usonkondlo, kodwa ukudlulisa ulwazi noma umqondo othize ngendlela enobuciko ehlelekile ukuze ofundayo angalahlekelwa yincazelo yobandlululo. Ngalesi sizathu kuhle yandulele umbuzo embhalweni. Ofundayo ke kulula ukuthi athole umqondo ophelele futhi nosonkondlo uphumelele ekudluliseni umqondo ngendlela eyenza olalele noma ofundayo alalelisise kwazise umbuzo wenza umuntu amise umqondo alalele.

Isiphetho

Kulesi sahluko kucutshungulwe kwadingidwa uhlobo lwesifenqo olwaziwa ngombuzo-mbumbulu nokujula kwaso ezinkondlweni zesiZulu. Kuqale kwachazwa ukuthi uyini umbuzo-mbumbulu ngosizo lwemibhalo yabanye ababhali. Kubuye kwabhekwa izinhlobo ezintathu zemibuzo-mbumbulu zachazwa kabanzi kusetshenziswa nezibonelo ezithathwe ezinkondlweni zababhali abahlukahlukene. Umbuzo-mbumbulu wehlukene njengoba kuveziwe ngenhla kanti futhi uhlobo nohlobo lusetshenziselwa inhloso ethize. Osonkondlo basebenzisa umbuzo-mbumbulu ezinkondlweni ezahlukene ukudlulisa ukukhathazeka, ukudideka, ukuqinisekisa kanye nokudlulisa ulwazi oluthize noma umlayezo wenkondlo.

Okutholakele ukuthi akuvamile ukuthola ukujula ngombuzo-mbumbulu. Uma kukhulunywa ngombuzo-mbumbulu kubhekwa umbuzo-mbumbulu ngokuphelele kungabe kusabhekwa ukwehlukana kwawo, kepha iqiniso lithi umbuzo-mbumbulu awuveli ngendlela efanayo emibhalweni yobunkondlo futhi awusebenzi umsebenzi owodwa.

Imithombo yolwazi

Abdulmughni, S.(2019). Stylistics, Literacy Criticism, Linguistics and Discourse Analysis. *International Journal of English Linguistics,* 9(2), pp. 412- 428. https://doi.org/10.5539/ijel.v9n2p412

Adam, P.(2019). Qualitative Research Methods in Medical Education. *Anesthesiology,* 131(1), p. 14–22. https://doi.org/10.1097/ALN.0000000000002728

Aspers, J., noCorte, U. (2019). What is Qualitative in Qualitative Research. *Crossmark Journal,* 42, p. 139–160. https://doi.org/10.1007/s11133-019-9413-7

Burke, M. (2014). *The Routledge Handbook of Stylistics.* 1st ed. New York: Routledge.

Chiliza, M. (2001). Ucwaningo Olunzulu Ngengqikithi Yobunkondlo Bezibongo ZoMdabu. Durban. Unpublished Master's Dissertation. ENyuvesi yakwaZulu-Natali.

Cronick, K. (2002). *The General Idea Behind Rhetorical Analysis.* Qualitative Social Research Journal, 3(3), pp. 1-23.

Gallagher, M. P. (1970). *Rhetoric, Style, and George Herbert.* by: The Johns Hopkins University Press, 37(4), pp. 495-516. https://doi.org/10.2307/2872379

Khathi, T. (2002). Ikhono LikaMagolwana Jiyane Ekusebenziseni Izithombemagama: Izifengqo Nesakhiwo Ezibongweni Zenkosi UDingane. EThekwini: ENyuvesi YakwaZulu Natali.

Maphumulo, A. (2004). *Izigi Zembongi.* 1st ed. Florida Hills: Vivlia Publishers & Bookseller (Pty) Ltd.

Mazibuko, G. (2018). *Zidla Inkotha.* 1st ed. Durban: Ukzn Press.

Msimang, C. (1990). *Izimbongi Izolo Nanamuhla.* 2nd ed. Pretoria: Sigma Press (Pty) Ltd.

Msomi, M. (2015). Ubunkondlo Obutholakala Ezihlabelelweni Zamanazaretha, Emgungundlovu: ENyuvesi yakwaZulu Natali.

Ntombela, S. (2011). Amasu Asetshenziswa Ngomasikandi BesiZulu Emculweni Wabo. Johannesburg: University of Witwatersrand.

Nordquist, R. (2020). ThoughtCo. [Online] Available at: ttps://www.thoughtco.com/rhetorical-question-grammar-1692060?print [Accessed 24 April 2022].

Ntuli, C., Buthelezi, M., noMkhize, N. (2007). *Induku Ebandla.* 1st ed. Cape Town: Via Afrika.

Ntuli, D. (2006). *Nkondlo Emnandi.* 1st ed. Pretoria: Hibbard Publishers (Pty) Ltd.

Nyembezi, S., noNxumalo, O. (1966). *Inqolobane Yesizwe.* 1st ed. Pietermaritzburg: Shuter & Shooter publishers (Pty) Ltd.

Ologies no-Isms, (2008). The Free Dictionary. [Online] Available at: https://www.thefreedictionary.com/erotesis [Accessed 17 July 2022].

Rong-gen, Z., 2019. Enhancing the Students' Rhetoric Attainments in Teaching of College English Intensive Reading. *Journal of Literature studies,* 16(7), pp. 300-305. https://doi.org/10.17265/1539-8072/2019.07.003

Sherry, 2015. Silva Rhetoricae. [Online] Available at: Rhetoric.byu.edu [Accessed 15 July 2022].

Sibiya, E.D.M. (2019). *Isibusiso Sezinyembezi.* 1st ed. Alberton: Sci-Tech maths Services Pty Ltd.

Sibiya, N. (2005). *Izimbali Zesizwe.* 1st ed. Pietermaritzburg: Shuter & Shooter Publishers (Pty) Ltd.

Smith, K. (2006). Rhetorical Figures and the Translation of Advertising Headlines. *Language and Literature,* 15(2), pp. 159-182. https://doi.org/10.1177/0963947006063745

Stockwell, P., noWhiteley, S. (2014). *The Cambridge Handbook of Stylistics.* 1st ed. United Kingdom: Cambridge University Press. https://doi.org/10.1017/CBO9781139237031

Thwala, G.B. 2018. Izifenqo Ezitholakala Emaqoqweni Amabili EsiZulu. Unpublished Honours Essay. Johannesburg: ENyuvesi yaseJohannesburg.

Zimmerman, B. (1997). A Catalogue of Rhetorical and Other Literary Terms from American Literature and Oratory. *Essays, Bibliographies, and Bibliographical Surveys,* 31(4), pp. 730-759.

Zwane, C. (2015). Ucwaningo Lwezingathekiso Ezitholakala Ezithakazelweni zesiZulu. Unpublished Master's Dissertation. Umgungundlovu: ENyuvesi yakwaZulu-Natali.

Ukusetshenziswa Kwezifengqo Ezinkondlweni Zika T. B. Qwabe

Nontobeko Ngqulunga
Humanities and Social Sciences
University of Zululand
KwaDlangezwa, South Africa

Bongephiwe Dlamini-Myeni
African Languages and Culture,
Faculty of Humanities and Social Sciences
University of Zululand
KwaDlangezwa, South Africa

Sibusiso Sihle Xhakaza
African Languages
Durban University of Technology
Durban, South Africa

Isingeniso

Izinkondlo e-Afrika ziyinto elula kakhulu neyindlela ejulile yokuveza imizwa. Abantu abangama-Afrika bakhombisa imizwa ngengoma noma ngenkondlo uma bethanda, bezonda, besebenza noma bedlala, benokuthula, belwa, kuzelwe ingane noma kuvele isifo (Myeni, 2019). Umbhali wezinkondlo okhaliphile, akaxoxi nje indaba uma ebhala izinkondlo kepha uyaye ayinandise ngokufaka izifengqo ezithile ukuze izinkondlo zakhe zifundeke, zihehe nalowo ozilalele. Ababhali abaningi bezinkondlo abalenzi iphutha lokungafaki noma esisodwa isifaniso ezinkondlweni zabo. Ukufaka isifaniso enkondlweni kwenza nalowo oyifundayo kumbe oyilalele, athole noma abe nesithombe sokuthi inkondlo ikhuluma ngani. Isenzamuntu naso senza umsebenzi ofanayo enkondlweni, siyanandisa bese sisiza ukugqamisa umqondo wenkondlo.

Kulolu cwaningo kusetshenziswe injulalwazi ye-Cognitive Poetics theory. UFreeman (2000:1) uchaza i-Cognitive Poetics Theory kanje:

> *Cognitive Poetics theory is a powerful tool for making explicit our reasoning processes and for illuminating the structure and content of literary texts. It provides a theory of literature that is both grounded in the language of literary texts and grounded in the cognitive linguistic strategies readers use to understand them.*
>
> (Injulalwazi ye-Cognitive Poetics iyithuluzi elinamandla lokwenza kucace izindlela zethu zokucabanga kanye nokukhanyisa ukwakheka nokuqukethwe imibhalo yobuciko. Ihlinzeka ngethiyori yemibhalo esekelwe olimini lwemibhalo yobucikofuthi esekelwe emaswini olimi okucabanga asetshenziswa abafundi ukuze bayiqonde.)

Abacwaningi basebenzise le njulalwazi ukuhumusha nokuhlaziya izifaniso nesenzamuntu ezinkondlweni zikaQwabe (2015). Lolu hlobo lwenjulalwazi lukhethwe ngoba lusiza ekukhanyiseni ukwakheka nokuqukethwe yimibhalo njengoba abacwaningi behlaziya ukusetshenziswa kwezifaniso nesenzamuntu ezinkondlweni zikaQwabe. Injulalwazi yindlela esetshenziswa ngabacwaningi njengomhlahlandlela owusizo noma osizayo ekucutshungulweni kwemibhalo. Ngokusebenzisa injulalwazi efanele nehambisanayo nocwaningo lwakho njengomcwaningi, ungathuka uthola noma umbula nokukade kunganakekile.

UNkumane (1995: 67) uthi sekwaphenduka umgomo ezifundweni kulezi zinsuku ukusebenzisa uhlobo oluthile lwenjulalwazi yemibhalo uma kuhlaziywa umsebenzi wemibhalo. Kanti uBartens (1995:116) yena uthi ukuhumusha imibhalo kanye nezinjulalwazi sekwasondelana kakhulu, eqinisweni abantu abaningi abagxile ezifundweni zemibhalo ngeke bahlukaniswa nezinjulalwazi. UMitchell noJolley (1988: 21) bathi injulalwazi ingathathwa njengesiphakamiso lapho imibono emininingi emisha isuselwa khona. Lokhu kufakazelwa uNdimande (1998: 17) lapho ethi injulalwazi

ngumhlahlandlela ohlahlwa ngusonjulalwazi ngokubona ukwenzeka kwezinto emhlabeni. Uphinde athi (2001: 19) injulalwazi ingachazwa njengombono womuntu ongawuthatha uwusebenzise ocwaningweni ukuze wesekele ubuqiniso bolwazi olwethuliwe ngocwaningo.

Umcwaningi angakhetha indlela yokucwaninga kweziningi kepha kumele akuqinisekise ukuthi akakhethi noma iyiphi nje, kepha akhethe ehambisana nocwaningo lwakhe. Ziningi izindlela zokuqhuba ucwaningo, kunendlela yekhwalithethivu, neyekhwantithethivu kanye nendlela exubile. Lolu cwaningo lusebenzise indlela yekhwalithethivu. Le ndlela ikhethwe ngoba imiphumela yalolu cwaningo ihlelwe yase ihlaziywa ngokwezindikimba hhayi izinombolo. Ukuze abacwaningi bafeze izidingo zalolu cwaningo bafunde imiqulu yocwaningo lweziqu zemfundo ephakeme kanye neminye etholakala kwi-inthanethi. Babuye bafunda izincwadi ezinamaqoqo ezinkondlo ezibhalwe nguQwabe.

UKuna (2014) uthi ikhwantithethivu yindlela egxile ezinombolweni esetshenziswa ngumcwaningi ekucwaningeni ngezinto ezithile. Umcwaningi uye athole inani noma ubungako baleyonto ethile ocwaningweni lwakhe. Ababhali asebemkantshubomvu uma bezichaza lezi zindlela zombili usheshe uwubone umehluko futhi ukhanyiseleke, ukwazi nokubona ehambisana nocwaningo lwakho. Bese kuba khona amathuluzi okuqoqa ulwazi ngaphansi kwalezi zindlela ezibaliwe, singabala: indlela yemibuzo, indlela yokuthola ulwazi ku-inthanethi kanjalo nendlela yokufunda ezincwadini ezisemtatsheni yolwazi kanye nendlela yokuxoxisana nomphakathi.

Abacwaningi basebenzise ukubuyekezwa kwedokhumenti njengethuluzi lokuqoqa ulwazi njengoba bebefunda imibhalo esishicilelwe ukuqhuba ucwaningo lwabo nokufeza izinhloso zocwaningo. Ukubuyekezwa kwedokhumenti kuwukufunda ucubungule imibhalo eqoshiwe phansi yabhalwa emaphepheni noma emiqulwini ephathekayo ngesandla, nokucubungula imibhalo eshicilelwe yase ifakwa kumakhompyutha/inthanethi.

UBowen, (2009:27) uchaza ukubuyekezwa kwedokhumenti uthi:

> *Document analysis is a systematic procedure for reviewing or evaluating documents, both printed and electronic (computer-based and internet-transmitted) material. Like other analytical methods in qualitative research, document analysis requires that data be examined and interpreted in order to elicit meaning, gain understanding and develop empirical knowledge.*
>
> (Ukuhlaziywa kwedokhumenti kuyinqubo ehlelekile yokubuyekeza noma yokucubungula imibhalo, ephrintiwe ne-elekthronikhi (ezisekelwe kukhompyutha kanye ne-inthanethi). Njengezinye izindlela zokucubungula ocwaningweni lwekhwalithethivu, ukuhlaziywa/ ukucutshungulwa kwemibhalo kudinga ukuthi ulwazi luhlolwe bese luhunyushwa ukuze kutholakale incazelo, kube nokuqonda bese kuthuthukiswa ulwazi.)

Abacwaningi babe sebefunda bacubungula izinkondlo eziningi ezibhalwe nguQwabe (2015) emaqoqweni amaningi ahlukahlukene, kwamanye ehlanganyele nabanye ababhali, kwamanye ewabhale yedwa. Abacwaningi abagcinanga ngokusebenzisa amaqoqo abalwe ngenhla kepha basebenzise nemiqulu eshicilelwe, okuyizincwadi kanye namatesisi acishe ahambisane nesihloko sabo.

Ukusetshenziswa kwesifaniso

Isifaniso yilapho kusuke kuhlotshaniswa izinto ezimbili ezingahlobene kodwa esingathi uma sizibuka zombili kube nento efanayo embi noma enhle ngazo. Isibonelo umuntu wesifazane uma emuhle kuyaye kuthiwe "muhle njengembali". Lapha sesithathe ubuhle bomuntu sabufanisa nobembali. Kulezi zinto akukho nokukodwa okufanayo ngazo ukuthi zingaze zihlotshaniswe kepha ngokuthi izimbali zinhle, yingakho nobuhle bomuntu wesifazane bufaniswe nalobo bembali.

Umhlanga (1994:66) uchaza isifaniso uthi:

> Sikhumbule ukuthi inkondlo iyimicabango yembongi. Leyo micabango imbongi izama ukuthi iyibeke ngendlela ehlobisekile, indlela emnandi kanti enesithunzi esizophakamisa ubunkondlo baleyo micabango. Lapha-ke kufaniswa izinto ezimbili ezingafani kodwa ezinokuthile okufanayo njengobuhle nje. Kuyenzeka ukuthi uma umuntu enolaka imbongi ibhekisise ukuthi yisiphi isifengqo esingahambelana nalolu laka lwalo muntu. Mhlawumbe enye imbongi bese imqhathanisa nendlondlo. Ngalokho-ke sinezakhi ezithile ezizogqamisa lokhu kuqhathanisa njengalezi, njenga-, nganga-, kuna-, okwe- njalonjalo.

Incazelo engenhla igqamisa kona ukuthi uma kukhulunywa ngesifaniso enkondlweni kusuke kuqhathaniswa noma kuhlotshaniswa izinto ezimbili ezingafani kodwa futhi ezinokuthile esingathi kuyafana. Yingakho lesi simo sokukhuluma sibizwa ngokuthi isifaniso ngoba siyafanisa.

Inkondlo yokuqala esizoyibheka isihloko sayo sithi: 'Baba Wabantabami' eqoqweni elinesihloko esithi Imvunge Yokusa. Sizobheka isigaba sesibili sale nkondlo kuphela:

> Ngisakhumbula kahle ngengqondo yami,
> Usangikhulumisa ngamazwi amnandi,
> *Njengoju* lwezinyosi zasebusika,
> Ungidlalisa ngamazwi achichim' amancoko,
> Ungibuka emehlweni ngidakwe ngidiyazele,
> Ungibamba kushis' umzimba wonke,
> Ohlekweni lwakho ngibon' imisebe,
> Ngibone nemibala yothingo lwenkosazane,
> Ngibon' imibala yezimbali ezinhle.
>
> (Qwabe, 2015: 87)

Sithola umbhali esebenzise isakhi sesifaniso esithi: njengo-,. Lapha ufanisa amazwi kababa wezingane zakhe noju lwezinyosi zasebusika. UNyembezi (1992) uchaza uju uthi umpe olwenziwa yizinyosi, ubusi. Uju luwuphawu lobumnandi noma lwento emnandi. Ngamanye amazwi ubaba wezingane okukhulunywa ngaye lapha enkondlweni, wayethi uma

ekhuluma nomama wezingane zakhe, asho amazwi amnandi ngendlela emangalisayo ngoba imbongi ize isivezela ukuthi ayemnandi njengoju lwezinyosi zasebusika. Uju lwezinyosi lwasebusika olulandwa ezintabeni noma emahlathini, luba noshukela kakhulu kunolwangezinye izikhathi zonyaka. Isifaniso esisebenzisile imbongi senza kucace bha noma sibeke ngokusobala izinga lobumnandi bobudlelwane balaba bazali.

> Angaz-ke kwathi gwiqiqi kuphi,
> Kwathi ngingashongo lutho kuwena,
> Kodwa wathukuthela wagana unwabu,
> Amehl' akho alokoza *njengawemamba,*
> Aphenduka izikhweqe ezinamandla.

Imbongi isebenzise isakhi sesifaniso okungu: njenga-. Umama wezingane ubona noma ufanisa amehlo kababa wezingane zakhe nalawo emamba. UNyembezi (1992) uchaza imamba uthi yinyoka enesihlungu esibi, kukhona emnyama neluhlaza, yinde futhi inesidumbu esikhulu. Imamba emnyama kayiphuthunyelwa, ngeke uphumelele ukuyivika le ngozi. Uma ngabe imamba ithukuthele kakhulu iyaye ilokozise amehlo ayo. Uma seyilokozisa amehlo isuke isingakulimaza noma ingakuhlasela noma yinini. Lesi sifaniso sigqamisa ngokusobala ukuthi ubaba wezingane wayedinwe noma ethukuthele kangakanani futhi wayesengamenza noma yini, esengamenza into enesihluku noma yinini. Izinto zase zihluke kakhulu kunakuqala. Ubaba wezingane wayengaseyiyo le ndoda eyayimkhulumisa ngamazwi amtoti, amazwi amnandi okoju, wayeseyindoda enolaka, ethukuthele.

Izifaniso ezisebenzisile imbongi zenze ukuthi abafundi bakwazi ukuthola isimo sempilo phakathi kukamama nobaba wabantwana. Kuyabonakala estanzeni sesibili ukuthi phambilini ubudlelwane babo babumnandi kangakanani, ngokuthi umama abufanise noju, kuyacaca ukuthi kwakuyinjabulo yodwa. Kuyabonakala futhi kuso lesi stanza sesibili, emgqeni we-18 lapho imbongi isebenzise isifaniso futhi ukubonisa ukushintsha kwesimo: "amehl' akho alokoza njengawemamba" ukusigqamisela ukuguquka kwesimo phakathi kwalaba bazali. Lapha ubaba wabantwana usehlezi enolaka futhi

ethukuthele isizathu sibe singaziwa. Izimo zokukhuluma ezisebenzisile imbongi zigqamisa umqondo wenkondlo, okungukuhlukumezeka kwalo muntu wesifazane. Kuyavela ukuthi lo wesifazane wayethandwa kusaqala ubudlelwane isimo saya sashintsha manje useyahlukumezeka.

Inkondlo yesibili esizoyibheka, nayo ithathwe eqoqweni "Imvunge Yokusa" (Qwabe, 2015: 90). Isihloko sale nkondlo sithi: 'Kuyoze Kube Nini?'

> Kuthiwa asiphume ngothi lwethu,
> Siqond' emithonjeni yakwaMfundo,
> Nangempela senze njengemiyalelo,
> Sivule izingqondo ezivundile
> Abahlwanyeli bahlwanyele
> Sinisele okusagqunywe isibeletho somhlabathi,
> Kuqhume kuthi vembu ngempilokazi,
> Kubika lona ikusasa eliqhakazile,
> *Njengezimbali* ezinhle zemnsinsi eqhakazile.

Kule ndima engenhla imbongi isebenzise isakhi sesifaniso esithi: njenge-. Imbongi ifanisa ukuqhakaza kwekusasa labantu besifazane abafundile noma abafundayo nezimbali ezinhle zemnsinsi eqhakazile. Ukuqhakaza kwemnsinsi kubukwa yiwo wonke umuntu. Kanjalo nempumelelo yomuntu wesifazane, iba yinhle, kuthakase wonke umuntu oseduze naye ngoba kusuke kuyinto enhle nencomekayo kakhulu. Izimbali zomnsinsi osuke uqhakazile ziba zinhle kakhulu, yingakho-ke imbongi ifanisa ukuqhakaza kwekusasa labantu besifazane abafundayo/abafundile nezimbali ezinhle zemnsinsi:

> Yithi labaya sidla umhlanganiso,
> Siwudle kukikize omame,
> Siwudle kuhhomuzele amadoda,
> Achobozele njengomakoti ezogana,
> Ahline ngezinhlungu esingazazi.
>
> (Qwabe, 2015: 91)

Kulesi sibonelo imbongi isebenzise isakhi okungu njengo-. Ngokwesiko lesiZulu umakoti akababuki abantu ezinhlamvini zamehlo, ikakhulukazi abasemzini njengoba esuke ezogana nje. Umakoti uyaye agobise ikhanda kancane achobozele. Lokho kusuke kubonisa inhlonipho. Kuyenzeka-ke umuntu angachobozeliswa ukuthi uyahlonipha kepha achobozeliswe ukuthi unamahloni noma achobozeliswe ukuhlazeka. Lapha imbongi iveza ukuthi kuthe uma abesifazane bedla umhlanganiso, benqoba noma bephumelela ezifundweni zabo amadoda ahhomuzela, achobozela njengomakoti ezogana. Achobozela nje ashawa amahloni okuthi kuphumelele abantu besifazane ababekade bengalindele ukuthi bangaphumelela. Banamahloni manje, nezinhliziyo zabo zibuhlungu nje, yingoba abakholelwa ekutheni umuntu wesifazane kumele afunde. Abakholelwa ekutheni umuntu wesifazane uyaphumelela ekwenzeni lokhu abazitshela ukuthi kufanele bona bodwa:

> Singene kwamakhulu amabhilidi,
> Sifakwa ukuqhakaza kwezingqondo zethu,
> Singene sichwashazele ngezinemicondo,
> Ezingqondweni sikhaliphe njengameva,
>
> (Qwabe, 2015: 91)

Kulesi sibonelo imbongi isebenzise isakhi sesifaniso esithi njenga-. Ameva noma iva, yinto esingathi uma siyichaza sithi icijile, yinto emila ezihlahleni ezihlabayo, yize kungezona zonke izihlahla ezimila ameva. UNyembezi (1992) uchaza ameva njengezinciji ezihlabayo ezimila ezihlahleni ezithize nasezimileni ezithile. Imbongi ifanisa ukuhlakanipha kwalaba bantu besifazane nokukhalipha kwameva. Ameva akhaliphile singathi ameva acije kakhulu, ayingozi ngoba uma engakuhlaba ungezwa ubuhlungu obukhulu. Ezingqondweni zalaba bantu besifazane kunolwazi olunzulu, bacijiwe, baphekwa ezikhungweni ezahlukene akade befunda kuzo. Imbongi isebenzise ameva ukugqamisa ukukhalipha kwezingqondo zabo ngoba ameva akhaliphe ngendlela esabisayo enanobungozi:

> Sifice kukhonya zona izinkunzi zakhona,
> Zisibuke ziconse amathe angapheli,

Ngamehlo zisithi njo zingacwayizi,
Zisibuka *njengamabhubesi* adlal' indlala,
Zithi kithi impela sifanelwe
Ukuhlomula ngamathuba okuqasheka,
Singene kwezenkece engabaleki,
Kodwa sifanelwe ukuqala kuzo,
Ngoba sifanelwe yizona kuqala.

(Qwabe, 2015: 92)

Kulesi sibonelo, imbongi ifanise izikhulu okungabaqashi namabhubesi. Amabhubesi yizilwane zasendle eziphila ngokuzingela inyama ukuze ziphile. Amabhubesi uma ezingela awavele agxumele lokhu afuna ukukubamba kepha aqale akubuke nje isikhathi eside anduba ahlasele. UNyembezi (1992) uchaza ibhubesi uthi isilwane esisakati elikhulu esithathwa njengenkosi yezilwane, imbube, isilo, ingonyama. Imbongi isebenzise amabhubesi ukugqamisa indlela lawa madoda aziphethe nenza ngayo. Lawa madoda abuka laba bantu besifazane engacwayizi nje kuhle kwamabhubesi yingoba abona inyama kubona, inyama efanelwe ukudliwa. Izifaniso ezisebenzisile imbongi zigqamisa ukuthi abantu besifazane bayahlushwa ukuze baphumelele. Impumelelo yabo ayizi kalula ngoba kuyavela ukuthi ukuze baqasheke bayaphoqwa ukuthi balalwe kuqala.

Inkondlo yesithathu esizoyibheka, inkondlo esihloko sithi: 'Indodana Engabuyanga' eqoqweni Imvunge Yokusa. Sizobheka isigaba sokuqala sale nkondlo kuphela:

Ngikhumbula injabulo eyake yangigubuzela,
Inhliziyo yami yagxumagxuma *okwenkonyane* lincele lasutha,
Injabulo engavuka ngayo ngiya esikhumulweni,
Ngiyoba mdibi munye noquqaba olwalulindile,
Sonke silinde ukuhlangana kwemizuzu,
Sonke silinde ukufika kwamabhanoyi.

(Qwabe, 2015: 52)

Kule nkondlo imbongi isebenzise isakhi sesifaniso esihlukile, okuyisakhi u- okwe-. Imbongi ifanise ukujabula komzali nalokho kwenkonyane elisuke selincele lasutha. Lona eligxumagxuma ngokwethaba ngenxa yokuneliseka. Umzali wayethakase kanjena nje yingoba wayelindele ukuthi uzohlangana nendodana yakhe esikhumulweni sezindiza, ibuya ukuyoqeqeshelwa ukulwela izwe lakubo. Kuyavela ukuthi lo mzali kwakungesiyena yedwa owayeyohlangabeza isihlobo sakhe kepha babebaningi. Ngesifaniso imbongi esisebenzisile ukulinganisa injabulo yomzali, kuyacaca ukuthi injabulo yayiphuphuma kulo mzali ngaleso sikhathi.

Inkondlo yesine esizoyibheka isihloko sayo sithi: 'Ngiyafisa Nami' eqoqweni Izimvemvane. Sizobheka indima yokuqala yale nkondlo kuphela:

> Ngiyafisa nam' ukulala ngilula njengeze
> Ngintshontshw' ubuthongo bungigwinye
> Ngithule du *kuhle* komunt' osedlulile
> Osehlangene namadloz' amahle akwabo.
>
> (Qwabe, 2015: 64)

Kule nkondlo imbongi isebenzise isakhi sesifaniso esithi: kuhle ko-. Imbongi ifisa ukulala ilula, ingathwele mithwalo emahlombe ayo, ingakhathazwe yilutho. Ifisa ukuphumula buthule, ingasho lutho. Ifisa ukuphumula njengomuntu osuke esedlulile emhlabeni. Umuntu osuke eseshonile usuke engasakhathazwa yilutho olwenzeka emhlabeni, engasacabangi lutho. Akuvamisile-ke ukuthi izimbongi zisebenzise lesi sakhi ngendlela esisebenzise ngayo imbongi kule nkondlo. Kuvamise ukuthi kuthiwe "kuhle kwe-" hhayi "kuhle ko-". Lokhu akusho ukuthi imbongi iphazamile kepha lesi sakhi isisebenzise ngendlela eyakha umqondo nevumelana kahle. Bekungeke kuwenze umqondo futhi kuvumelane kahle ukube imbongi ithe "kuhle kwemuntu…". Isimo sokukhuluma esisebenzile imbongi siwugqamisile umqondo wenkondlo, okuwukuphumula.

Ukusetshenziswa kwesenzasamuntu

Uma kukhulunywa ngesenzamuntu kusuke kubhekiswe kuhlobo lwesifengqo lapho kuthathwa izimpawu zomuntu zinikezwe into engaphili. Isibonelo, umuntu angasho ukuthi inhliziyo yakhe iyalila. Inhliziyo ayilili, umuntu olilayo, ngakho-ke kusuke sekuyisenzamuntu lokho., Inhliziyo inikwe izimpawu zomuntu.

UMsimang, (1986:18-19) uchaza isenzamuntu uthi:

> Isenzamuntu kusewuhlobo oluthile lwesingathekiso. Umahluko wukuthi lapha into engaphili ithathwa njengento ephilayo. Ziningi izindlela zokwenza lokho, kokunye lento ungayenza ikhulume noma yenze ezinye izinto ezenziwa ngabantu. Kokunye uyinike imizwa nemicabango yomuntu, kokunye uyinike izitho zomuntu, ibe nomlomo, ikhala, izandla, njll.

Kule ncazelo engenhla, ungoti usagqamisa kona ukuthi kusenzamuntu kuthathwa into engeyona umuntu inikezwe izimpawu zomuntu. Kutholakale leyonto engeyona umuntu yenza izinto ezingenziwa umuntu kuphela.

Inkondlo yokuqala esizoyibheka isihloko sayo sithi: 'Nkosazane Emhlophe Qwa' eqoqweni Izihlangu ZikaZulu:

> Manje-ke ngifisa sihlale emathafeni
> *Ambethe* imisebe yelanga lilihle
> Imisebe efudumele
> Ifudumeze mina nawe
> Ifudumeze imizimba yethu
> Ifudumeze nezinhliziyo zethu.
>
> (Qwabe, 2015: 24-25)

Imisebe yelanga iletha imfudumalo. Ebusika uma kubanda, yilowo nalowo uba nentshisekelo nothando lokuthamela ilanga, ilanga eliletha intokomalo ngemisebe yalo. Akekho-ke ongayitholi intokomalo noma imfudumalo kuleyo misebe futhi akekho osuke ezimisele ngokusuka kuleyo ntokomalo uma eseqalile ukuyithamela. Amathafa yindawo ebanzi, okulula ukufinyelela kuyo yonke into ngaphandle kwezingqinamba

ezithile. Indawo engenazo izihlahla, enotshani, eyisiganga nje. UMbatha (2006) uchaza ithafa uthi indawo enkulu eyendlalekile, indawo ebanzi evulekile, idlelo. Imbongi isebenzise igama elithi "emathafeni" ngoba indawo emkhululayo yena nowakwakhe ukuthi bahambe noma bahlale ngokukhululeka ngoba akunazihlahla nalutho okuyobasitha imisebe yelanga. Imbongi ifisa bahlale othandweni lwabo bobabili olujulile, oluhle futhi olungaphazanyiswa yilutho namuntu.

Omunye angathi imbongi ngokuthi ithi "emathafeni ambethe imisebe yelanga", lokhu kwakha isithombe esihle ezingqondweni zabafundi. Imisebe yelanga yenza kukhanye kahle kube kuhle lapho iklaya khona. Ibuyisa ithemba lokuthi hleze isimo sezulu sibe sihle imini nentambama yakhona. Ngokwenkondlo imisebe yelanga ingaba wuphawu lwesethembiso esenziwa isesheli kule nkosazane emhlophe, insizwa iyathembisa ukuthi uma bendawonye, kuyohlale kukuhle othandweni lwabo kunemfudumalo:

Ngifisa silalele *umoya*
Ushweza ngenkululeko
Ucula iculo lethemba
Iculo lekusasa lethu,
Iculo elikitaza thina,
Lisibonise lena kude
Lapho kuhlobe khona
Ngezimbali ezembethe
Izimbali ezinhle nezimsulwa
Ezimsulwa ngobuhle njengawe.

Kulesi sigaba imbongi isebenzise isenzamuntu (Qwabe, 2015: 77):

Ngifisa silalele umoya
...
ucula iculo lethemba
...
elikitaza thina

Kule migqa engenhla imbongi inikeze umoya isici somuntu. Umuntu kuphela okwazi ukucula. Lapha sithola imbongi itshela isesheli sayo ngokuhle okuphethwe yikusasa labo kwezothando. Imbongi ize ithi "ushweza ngenkululeko", nakanjani okuphethwe yikusasa kuhle ngoba inkululeko ihambisana nenjabulo nokuthokoza kodwa. Le migqa iveza ukuthi insizwa le inamathemba amahle nezifiso ezinhle ngobudlelwane efisa buqubuke phakathi kwakhe nentokazi emhlophe ayishelayo. Iyaqhubeka imbongi ithi: "iculo elikitaza thina" umuntu kuphela okwazi ukukitaza, iculo linikezwe amandla okukitaza. Uma umuntu ekitaza omunye yingoba usuke emdlalisa. Kungaba ukuthi uyamsukela nje ngoba embona ethule noma exhukule futhi kungaba wukuthi umkitaza nje yingoba ufuna ukumbona egxumagxuma, ehleka, emamatheka noma ejabula. Njengoba imbongi isebenzise ukukitaza, lokhu kuveza umqondo wokuthi isifiso sensizwa sisodwa, ukubona intokazi emhlophe ijabule:

> Ngifisa ukukubuka emehlweni,
> Kuwona ngibone ukujula,
> Kuwona ngibone ukucweba,
> Nawe ungibuke *emehlweni*,
> *Akuxoxele* ngemizwa yami,
> Akuxoxele ngamathemba ami
> Engiwabona ebumba kancane
> Ebumbela ukuqhakaza kahle
> Ngobuhle obucwebile
> Njengobuhle bakho.

Imbongi isebenzise isenzamuntu ukugqamisa ubuqiniso bemizwa yayo.

> Nawe ungibuke emehlweni,
> Akuxoxele ngemizwa yami,
>
> (Qwabe, 2015: 77)

Amehlo awakwazi ukukhuluma. Ngakho-ke, imbongi ithathe isenzo esingenziwa ngumuntu okuwukuxoxa, yasinika amehlo. Uma umuntu exoxa, usuke esho amazwi athile komunye, angaba mnandi, angaba buhlungu futhi kungenzeka amakhe

omunye umuntu noma abhidlize. Kulesi sigaba esingenhla imbongi ifisa intokazi emhlophe imbuke emehlweni, amehlo ayo ayixoxele indaba yemizwa. Lokhu kuveza ngokusobala ukuthi insizwa akudingi nokuthi ize iwakhiphe ngomlomo amazwi othando. Akudingi ize isho entombini ukuthi iyayithanda nokuthi iyithanda kangakanani ngoba amehlo ayo ayixoxa ayiqede indaba ewodwa nje. Uthando olubonakala emehlweni izazi ziyaye zithi lungolweqiniso. Ezikwazi ukufunda umuntu emehlweni zithi amehlo soze aqamba amanga ngoba aveza lokhu okungaphakathi enhlizweni yomuntu:

> Ngifisa mtanomuntu
> Uqamele ehlombe lami,
> Nami ngincike kwelakho
> Ngikukhombise *inyanga*
> Iphuphuma ukukhanya
> *Isibuka imamatheka*
> Ngoba nayo ivuma
> Ithi okuhle kusifanele,
> Ngikukhombise futhi
> *Izinkanyezi* ziqhakazile
> Nazo *zishaya ihlombe*
> Zithi kuhle kufanele.
>
> (Qwabe, 2015: 77)

Inyanga iyobe ibapha ukukhanya, ithakasele inhlangano yabo. Umuntu kuphela omamathekayo. Umamatheka uma kukhona into enhle ayibonayo noma emujabulisayo. Inyanga iyobe ijabulela ukuthandana kwabo, iyobe ijabulela ukuthi intokazi iyinikile insizwa ithuba ngoba liyifanele. Izinkanyezi azikwazi ukushaya ihlomb.e Abantu kuphela kuphela abashaya ihlombe. Ihlombe lishaywa uma kuhalaliselwa umuntu edle umhlanganiso noma ephumelele entweni ethile. Kule nkondlo, imbongi isibonisa ukuthi ngobudlelwane babo kuyojabula kuze kujabule ngisho inyanga nezinkanyezi. Izinkanyezi ziyomhalalisela ziqhakaze kube kuhle. Kuyokhanya kuqhakaze esibhakabhakeni, kuyobe kuwuphawu lokuthakasa lolu ezinkanyezini, zithakasela ubudlelwane babo.

Le nkondlo ikhuluma ngensizwa ekhangekile, ekhangwe yinkosazane emhlophe qwa. Insizwa icela ukunikwa ithuba ukuze izibonakalise entombini. Ithembisa ukuyithanda nokuyiphatha kahle intombi. Ithembisa imfudumalo nenjabulo yodwa othandweni lwabo. Ithembisa ukuyithanda ngothando lweqiniso, olungedinge ukuthi aze akhululume kodwa oluyozibonakalela emehlweni. Bayokwelekelelana kukho konke. Lokhu kuvela esigabeni sesihlanu lapho imbongi ithi:

> Uqamele ehlombe lami,
> Nami ngincike kwelakho

Lokhu kuwuphawu lokuthi bazobe belekelelana, bengayekelelani. Insizwa inesiqiniseko sokuthi uthando lwabo luyokwesekwa lwamukelwe naphezulu emazulwini. Kuyavela insizwa itshela intokazi ukuthi kuyobe kumamatheka nenyanga, izinkanyezi zishaya ihlombe. Imvelo iyobe ibona kubafanele konke okuhle okuyobe kubehlela othandweni lwabo. Izimo zokukhuluma ezisebenzisile imbongi ziyawugqamisa umqondo wenkondlo, okuwuthando.

Inkondlo yesibili esizoyibheka isihloko sayo sithi: 'Myeni Wami' eqoqweni Imvunge Yokusa kuhlaziywa imigqa elandelayo:

> Amadoda onke ngokuhlwa,
> *Athathwa izinyawo* zawo,
> Ziwabuyisele ezithandweni zawo,
> Wena ezakho zikuthatha,
> *Zikuthwale* uye emajoyintini,
> Unephuze wonke umuntu,
> Ungene uyinjingakazi,
> Uphume unguphuyakazi.
>
> (Qwabe, 2015: 24–25)

Isenzamuntu sokuqala nje kule nkondlo sisithola lapho imbongi ithi "Athathwa izinyawo zawo". Lapha imbongi iphe izinyawo izimpawu zomuntu ngoba umuntu kuphela okwazi ukuthatha "ngezandla". Iyaqhubeka imbongi ithi "Zikuthwale uye emajoyintini", nalapha imbongi inikeze izinyawo izimpawu

zomuntu. Uma sizoyibheka ngokomqondo osobala, umuntu okwazi ukuthwala hhayi izinyawo. Imbongi ngalokhu iqonde ukuthi umyeni walo wesifazane uyahamba aye emajoyintini. Kungenzeka uhamba ngemoto lo myeni ngoba phela nayo iyabizwa "ngezinyawo ezilula". Kungenzeka futhi ukuba uzihambele ngezinyawo zakhe nje. Lona wesifazane akagcini-ke ngokukhaliswa yilokho kuphela kodwa kuningi okumkhalisayo nakakukhonondelayo (Qwabe, 2015: 25).

Mina *ngazogana isizungu la,*
Engicamela esifubeni saso,
Ngikhale kushe isiziba sezinyembezi,
Ngoba ngidlala usizi nezinyembezi.

Uyaqhubeka athi "Mina ngazogana isizungu la", isenzamuntu nalesi. Isizungu yinto engabonakali nokubonakala ngakho-ke ngeke umuntu kutholakale ukuthi usesiganile. Leli binzana lamagama lisikhanyisela ngokusobala ukuthi lo wesifazane usehlezi eyedwa kangangoba uze uzibona sengathi wazogana isizungu ngoba phela usehlezi ezihlalele yedwa, edliwa umzwangedwa, lo ambiza ngomyeni wakhe engekho esemajoyintini.

Inkondlo yesithathu esizoyibheka isihloko sayo sithi: 'Kazi Niyaphi?' eqoqweni Izimvemvane. Sizobheka isitanza sesithathu:

Sibona ninyathela
Nidakw' imizwa
Nidlala nokufa
Nihleka nokufa
Nihleka nipansana
Kuvel' elomhlathi
Ebunganini bobuwula
Kwezimpupmuthe zidonsana
Ukufa kunihlek' usulu
Kuthi lala lulaza
Kufik' imizuzu kunengule
Nilile ngezinhlungu ezihlabayo
Ezishubil' enhlizweni nasemoyeni

Zithi kodwa zisashisa kanjalo
Nibuyel' endleleni yokufa
Yemisind' edum' ezindlebeni
Yezidakamizw' ezithen' ingqondo
Ziboph' imicabango ehluzekile
Nidlwadlwathek' ekukhanyeni
Ukukhanya okumnyama njengobusuku
Kodwa kazi nidlwadlwatheka niyaphi?

(Qwabe, 2015: 68)

Estanzeni sesithathu, emgqeni wama-30 kuya kowama-34, imbongi ibonakala ipha ukufa izimpawu zomuntu ngokuthi ithi ukufa kuyadlala, kuyapansa, kuhleka kuze kuvele elomhlathi. Ukufa akukwazi ukudlala, akukwazi nokupansa ngoba akunazo izandla. Akunawo amazinyo ngakho-ke ngeke kutholakale sekuhleka kuze kuvele elomhlathi. Ngokusebenzisa lezi zimo zokukhuluma, imbongi ibigqamisa khona ukuthi abantu sebekhululeke kakhulu, benza konke abakuthandayo nokubi, okungeke kubabuyisele lutho oluhle. Balawulwa yimizwa yenjabulo ababoni noma sebeziphosa ekufeni. Ababoni noma sebenza izinto ezizoba nomthelela omubi kusasa. Ababoni futhi abanendaba noma sebenza izinto ezifaka izimpilo zabo engcupheni, izinto ezinamandla okubabulala noma okubabulalisa.

Emgqeni wama-44 kuya kowama-45 lapho imbongi ithi:

Yezidakamizw' ezithen' ingqondo
Ziboph' imicabang' ehluzekile

Umuntu kuphela okwazi ukuthena nokubopha. Kule migqa yomibili imbongi ithathe lezi zimpawu zomuntu yazinika izidakamizwa ukugqamisa amandla eziba nawo phezu kwempilo yomuntu. "Ziboph' imicabango ehluzile". Imbongi isebenzise lesi simo sokukhuluma ngoba ifuna ukugqamisa ukuthi umuntu odla izidakamizwa akabe esakwazi ukuthatha izinqumo eziphusile ngenxa yazo. Imbongi isebenzise lezi izimo zokukhuluma ukugqamisa ukungalawuleki kwabantu abasha.

Inkondlo yesine esizoyibheka isihloko sayo sithi: 'Kubafelokazi BaseMarikana' eqoqweni Imvunge Yokusa (Qwabe, 2015: 89). Sizobheka isigaba sokuqala kuphela.

Kwahlwa emini,
Izulu laqoqa izinhlonzi,
Kwaduma izulu emini,
Laduma lasho enyameni,
Umphefumulo wantininiza,
Washiya inyama yodwa,
Kwadindiliza izidumbu.

